IZIMPILO

· Z E T H U ·

PROJECT
EMPOWER

OKUQUKETHWE

ISINGENISO 2

Ukukhula ngingumntwana wentombazane endala ekhaya bekunzima 3

Ngisafisa ukuya esikoleni ... 5

Ngikhule kanzima ngoba umama wami wangishiya ngimncane komunye ugogo 6

Umama wangicindezela ukuthi ngivume ukugana indoda endala esezwa elamalobolo 8

Sasiphila ngemali yeqolo 11

Impilo ngaphandle kukamama yayinzima 13

Ukushonelwa abazali bami bobabili belandelana eduze kwangizwisa ubuhlungu obukhulu 14

Inkinga eyayikhona kulobudlelwane obusha ukuthi ngangishawa 16

Nganginemiyaka eyishumi nanye nje vo ngesikhathi ngithola ukuthi ngikhulelwe 17

Omnye umzala wami wake wazama ukundidlwengula ngenye imini 19

Kwakubanda kakhulu ebusika kunzima nokuya esikoleni sihamba ngezinyawo 20

Uma ngibona umuntu wesilisa ephethe umntwana, ngivele ngicabange ukuthi uyamhlukumeza 21

Ndizithengisela utywala ukuba ndikwazi ukuphila 22

Ingculaza iyicekele phansi kakhulu impilo yami ngokungiphuca abazali bami bobabili 23

Ngangisemncane kodwa ngangikubona okwakwenzeka empilweni yami 24

Ngangafuni ukuzwa ubuhlungu yikho ngazama ukuzibulala kuqala ngaphambi kokuba yena angibulale 25

ISINGENISO

UProject Empower inhlangano ezimele ezinze eThekwini, esifundazweni saKwaZulu Natal. UProject Empower usebenzisana nabantu basifazane abahlala emijondolo nalabo abahlala emaphandleni. Esikwenzayo njengoProject Empower ukugqugquzela lababantu besifazane ukuba baqaphele izimo ababhekana nazo ezimpilweni zabo nasemiphakathini abahlala kuyo.

Sikwenza lokhu ngokubahlomisa ngolwazi lokuthi bakwazi ukwenza ushintsho ebudlelwaneni babo, emakhaya nasemiphakathini abahlala kuyo. Uma sihlangana nabantu besifazane sibakhuthaza ukuba baxoxe ngezimo abake babhekana nazo empilweni. Injongo yalokhu ukuthi sonke siqonde ukuthi izimo esibhekana nazo izimpilo zethu noma zingafani ncamashi kodwa kukhona esingakufunda ngezimo zethu ezahlukene nokuthi isikhathi esiningi imbangela yezimo zethu isuke ifana. Sisuke sifuna ukuthi sibhekane nazo lezizimo, besekuthi sindawonye sizame ukubalula inqubekela phambili. Sike sisizane,sixoxisana nangokuthi singenzani ukuze senze izimpilo zethu zibe ngcono.

Isifiso sethu bekuwukuba neqoqo lezindatshana zabantu besifazane ukuze sizixoxe kwimiphakathi eyahlukene esisebenzisana nayo ukuze nabangakaze baxoxe ngezimo zamo babone ukuthi kukhona indawo lapho nabo bevulelekile khona ukuthi bangakhuluma. Size sashicilela lelibhukwana elinezindatshana zezimpilo zabantu besifazane abaqhamuka emijondolo eyakhele iTheku esesisebenzisane nayo cishe iminyaka eyevile kweyesihlanu.

Inhloso kaProject Empower bekungukunika abantu besimame ithuba lokubhala izindatshana ngezimpilo zabo. Akubanga njengokufisa kukaProject Empower njengoba iningi labesifazane lingathandanga ukubhala ngezizathu eziningi ezahlukene. Sibe sesibagqugquzela ukuthi baxoxe izindaba zabo ngokudweba bese bechaza ukuthi imidwebo isho ukuthini, ngesikhathi bexoxa sibe sesicela imvume yokubhala lezondatshana zabo. Bonke abesifazane abasixoxele izindaba zabo bacele ukuba amangama abo angempela nezithombe zabo zingashicilelwa kulelibhuku.

Thina njengo Project Empower sikubone kubalulekile kakhulu ukuthi lelibhukwana lishicilelwe ngolimi izindatshana ezaxoxwa ngalo ukuze nabaxoxa izindaba zabo bakwazi ukuzifunda. Kodwa siphinde sazihumusha lezindatshana ngesingisi, sashicilela namabhukwana ambalwa ngesingisi. UProject Empower ukholelwa ukutheni kubalulekile ukuthi abantu baqonde ukuthi lezindatshana ziveza ngokusobala ukuthi abantu abamnyama, abahluphekayo ezindaweni ezisemijondolo yibo abathola yonke inhlobo yokucwaseka njengoba behlala ezindaweni ezinganakiwe nje emphakathini nasezweni lonkana.

Lezindatshana ziveza ngokusobala ukuthi lemiphakathi ithwele usizi lobubha, ukulahlwa, ukudlwengulwa, udlame, ingculaza, nokuba ngomahamba nendlwana kanti futhi iyacwaswa. Lezindatshana zigqamisa ubunzima bokuphila ngosizo oluncane noma ngaphandle kosizo lwemindeni, izithandwa noma izinhloko zamakhaya ngisho nohulumeni imbala. Lababantu bazizwa bengesiyo ngisho ingxenye yezinqumo ezithathwa ezweni. Njengokusho kweqhawe uSteve Biko; “Ukweswela izinto eziphathekayo kunzima, kodwa sekuhlanganiswe nokuhlupheka emoyeni, kuyabulala.”

Abantu besimame abaningi bekungokuqala bexoxa ngezimpilo zabo futhi kunomuntu obanike ithuba lokuxoxa ngendlela efunwa ibona futhi ebalalele. Yize noma bethi bekunzima kodwa bathole ukuthula imithwalo emiphefumulweni yabo ngokuxoxa lezindaba. Sithanda ukudlulisa amazwi okubonga kakhulu kubo bonke abavumile ukubamba iqhaza, basixoxela ngezimpilo zabo. Siyathemba ukuthi lezindatshana zizosisa nabanye abantu besifazane, nabesilisisa, ngezimpilo zabo futhi baqonde ukuthi ababodwa liphinde libasize bakwazi ukushintsha izimpilo zabo nabo.

UKUKHULA NGIYINTOMBAZANE ENDALA

EKHAYA BEKUNZIMA

Ngazalelwa endaweni yase Bulwer. Ngazalwa ngonyaka ka 1986. Ngingowokuqala kubantwana abayisihlanu. Ubaba nomama bahlukana sisebancane kakhulu. Ngicabanga ukuthi mina nganginemyaka elinganiselwa kwelishumi nje vo.Ngikhulele emndenini obuxakeke kakhulu. Okwakubuye kube nzima kakhulu ukuthi abazali bami basebehlukene futhi bengasebenzi bobabili.

Sasihamba amabanga amade ukuya eskoleni. Sasingenayo ngisho imali yokukhokhela izindleko zesikole. Ngo1996 umama wathola itoho eThekwini, sabe sesikhuphuka sonke sazohlala eThekwini.

Umama wabe eseqala ukuhlala ngokungaphili. Kuhambe kwahamba kwamuqinisa umama ukugula. Kwaphoqeleka ukuthi ngiphume esikoleni njengomntwana wentombazana owayemdala ekhaya. Ngaqala nganakekela umama, ngabheka nekhaya nezingane zakwethu ezincane. Umama wagula isikhathi esicishe sibe iminyaka eyisithupha. Ngemuva kwesikhathi eside wabe eseya kudokotela kwatholaka ukuthi wayenegciwane lesandulela ngculaza kanye nesifo sofuba. Ngalesosikhathi kwakusenzima ukwelapha isifo sofuba kumuntu owayephila negciwane lengculazi. Wakhandleka kakhulu umama kwaze kwaba ukufa kuyamenela. Njengoba umama kwakunguye owayebheke ikhaya, kwaba nzima ukumngcwaba njengoba sasingenalutho. Umndeni wabe usuhlangana usuhlela ukuthi afihlelwe khona lapho sasihlala khona. Kwaba buhlungu ngoba sasithanda ukuba aphumule kanye namanye amalunga omndeni emathuneni omndeni aseBulwer. Ngenxa yokungavumi kwesimo, saphetha ngokwamukela khona lokho ngoba wayesephumule ezinhlungwini.

“SASIZIPHILISA NGEMALI YEQOLO”

Emva kokushona kuka mama ngalibheka ikhaya ngokusizwa iyona imali yesibonelelo sabantwana. Imizamo yokuthola imali yesondlo sabantwana abayizintandane ayiphumelelanga ngoba ubaba wethu washonela kwenye indawo. Ngaleyondlela sasingenaso isitifiketi esasikhombisa ukuthi wayengasekho ubaba. Ngakho ke lokho kwakungasenzi izintandane emehlweni womnyango wabezenhlalakahle.

Udadewabo kamama wangizamela ukuba nami ngithole imali yesibonelelo njengoba nganginenkinga yamehlo. Ngempela ngaphumelela. Yileyo mali yesibonelelo eyangisiza ukuthi ngibheke umndeni. Abafowethu bakhetha ukusiyeka isikole besesemabangeni aphansi ngokubona isimo sempilo esasingesihle ekhaya. Bahamba bayofuna amatoho ukuze bangilekelele ekhaya. Kuze kube manje bayatohoza, abazange besabuyela esikoleni. Odadewethu ababili bona baqhubeka nesikole.

Sibe sesizwa izindaba ezazingezinhle zokuthi nobaba naye wayesedlulile emhlabeni. Okwaba buhlungu kakhulu ukuthi asizwanga ukuthi ubaba uyagula. Savele sezwa sekuthiwa akasekho emhlabeni. Sathola ukuthi naye wayegule isikhathi eside. Uma sebechaza abomndeni kwavela ukuthi naye wayenesifo sofuba kodwa wayengazinakekelanga.

Okwenza impilo yaba ngcono ukuthi umama wadlula emhlabeni sesiwutholile umuzi womxhaso. Kwakuyoba nzima kakhulu ukuba sasisahlala emqashweni. Ngonyaka ka2010 nami ngiye ngakhulelwa. Kwaba nzima kakhulu nami sengithole umntwana ngoba kwanda izindleko. Kwaba nzima ukukhulisa umntwana ngoba noyise ubengumuntu ophila ngokubamba amatoho, kodwa uma ethole itoho uyasinakekela sinomntwana.

Ukukhula ngiyintombazane endala ekhaya bekunzima. Zonke izinto bekumele zenziwe yimi. Enye inkinga enganginayo eyokuzalwa ngiyisishawa noma isiphiwo. Abantu abaningi basibiza ngezishawa ngoba bakholwa ukuthi abazali bethu basuke bejeziswa uNkulunkulu ngamacala athile. Ibala lesikhumba sami belingiqhatha nezingane esikoleni. Bezingibiza ngenkawu, zingichwensa. Ngakho ke nokukhula ngiyisiphiwo kwaba nomthelela omkhulu ekuyekeni kwami isikole. Ngangizibona futhi ngizizwa ngihlukile kunabanye abantwana. Bebengicwasa kakhulu. Ngase ngikhetha ukuzihlalela ekhaya.

Ngifisa abantwana bakwethu bafunde ukuze bavuse umuzi wasekhaya nekusasa labo liqhakaze. Ukukhula ngaphansi kwesimo esinzima kungifundise ukumelana nazo zonke izimo. Kungifundise nokuvikela abantwana bami nokuhlala ngibazamela impilo engcono. Sengizibona ngibekezele nakubudlelwano engikubo noma sengibona ukuthi buyabheda ngoba ngifisa umntanami akhule enabazali bakhe bobabili.

Ngenza konke okusemandleni ami ukuthi abantwana bakwethu bangasizwa isikhala sikamama. Ngenza konke engingakwenza ukuze bajabule nabo bafane nezinye izingane ezinabazali.

Manje enye into engiphatha kabi ukuthi umkhwenyana wami bayamdelela emphakathini ngokuganwa ‘isishawa’. Manje uma kwenzeka ehilizisana nabanye abantu bayamuchwensa ngokuthandana nami. Kodwa okungithokozisayo ukuthi uyangimela, angilwele. Uyabatshela ukuthi ungithanda nginjena. Uthanda ubumina, ingaphakathi lami hhayi ibala lami. Sinomntwana oneminyaka emine, ‘uphile kahle’ ngoba akasisona isiphiwo. Angikaze ngibe nelinye isoka nangaphambilini ngoba bengingabathembi abantu besilisa. Isoka lami ngiliqome ngemuva kweminyaka emibili ngoba ngangifuna ukubona ukuthi lingithanda ngempela yini. Ngaze ngabona ukuthi wayezimisele ngoba waze waya kovela ekhaya. Manje noma zikhona izinkinga ebudlelwaneni bethu, kodwa ngithokozile ngaye.

NGISAFISA UKUYA

ESIKOLENI...

Ngizalelwe endaweni yaseNdwedwe. Umama wakuthola kunzima ukungitholela isikole ngoba izikole zazinginqaba ngoba ngangikhubazekile emzimbeni nangomqondo. Angibange ngisafunda ngoba umama akasitholanga isikole esasizimisele ngokungithatha. Namanje ngiyafisa ukufunda nami ngoba kubuhlungu ukuzwa ukuthi mina anginalo ilungelo lokufunda. Ukuthi angazi ngingaphuma ngibhekephi.

Ekuzalweni kwami impilo beyingekho lula. Ngisemncane umama uthi sabandakanyeka engozini yebhasi ephuma ukuyoteta mina esibhedlela. Kusukela lapho ngakhula nokukhubazeka. Umama naye walimala uhlangothi. Umama uhambe ngesihlalo isikhathi eside, kodwa sewalulama manje. Ukukhubazeka kwami kungiphilise kabuhlungu emphakathini ngoba abantu bangithatha noma kanjani. Abantu abangakhubazekile basishaya ngamatshe. Abanye bangihlukumeza ngisho ngihleli ekhaya. Ngelinye ilanga omunye umakhelwane wangena nezigebengu befuna ukungidlwengula, ngakhala kakhulu kodwa umphakathi awungisizanga. Ngazilwela kanzima ngedwa. Nempela ngabangqoba. Badikibala bahamba bengisongela bethi bazongibamba. Ngamxoxela umama esebuya emtholampilo ngesehlo esasingehlele. Wabe esethatha izinyathelo. Saya emaphoyiseni safika salubika udaba. Amaphoyisa athatha imininingwane abe esethi uma kukhona okwenzekayo, sibuye nayo incwadi leyo enemininingwane. Emva kwalokho akukaze kwenzeke lutho. Sekungcono manje ngoba udadewethu usehlala ekhona engigadile. Uma engekho kuba khona umama.

Ubaba ngaqala ukuhlakanipha , esashonile. Sibathathu ekhaya. Siphila ngemali yamatoho kamama. Nami futhi ngiyahola imali yokukhubazeka. Umama uyanginakekela. Anginalo isoka ngoba ngisemncane. Angilifuni isoka. Abantu besilisa badlala ngathi thina esikhubazekile. Basitshela ukuthi bayasithanda kanti bayasikhohlisa, bafuna ukudla imali yethu yesibonelelo sokukhubazeka. Ngike ngibuke isimo sezingane esezithola igciwane lengculaza zisancane. Esibhedlela siyayalwa ukuthi siziphathe kahle. Kuthiwa uma kwenzeka ulala nomfana ugijime uyohlola igazi emtholampilo. Mina anginamuntu engihlekisana naye kodwa sengazejwayeza nje ukuhlola igazi lami njalo nje noma nini. Impilo yami ibalulekile. Bakhona baningi abathi bayangithanda. Kodwa mina angibafuni ngoba ngiyabazi ubunzima umama angikhulisa ngabo. Ngifuna umkhwenyana aze azifikele kimi. Kumnandi ukuzwa ukuthi intombi nto iyashada. Nomama uyangiyala. Uma umkhwenyana ethi uyakuthanda kumele umbheke, ikakhulukazi njengoba sikhubazekile. Abafana bafuna imali yethu nocansi kuphela. Abazali bayakhala abaphatheki kahle uma sidlala abafana. Sisala sikhulelwe izingane ezingondliwa futhi sesinengculazi sesiwutaku kubazali bethu. Mina angifuni ukudumaza umama wami. Wangithanda kunzima. Wangikhulisa.

NGIKHULE KANZIMA NGOBA UMAMA WAMI WANGILAHLA NGIMNCANE WANGISHIYA,

KOMUNYE UGOGO

Ngizalelwe eThekwini. Kumama wami sibabili. Ubaba ubenabantwana abayishumi nantathu. Ngikhule kanzima ngoba umama wami wangishiya ngimncane komunye ugogo. Ngizwa kuthiwa nganginezinyanga ezintathu. Ugogo angishiya kuye umama sasingahlobene nhlobo naye. Kuthiwa umama wathi uyahamba uyosebenza.

Umama wayenokufika nje azongibheka uma ekhumbulile ukuthi unomntwana. Ugogo lo engangihlala naye wayenendodakazi nayo eyayinomntwana esasicishe silingane naye. Sasingakhuliswa ngendlela efanayo. Babengicwasa. Ngelinye ilanga sabuya sekuhlwile ekhaya kade sidlala, sathi sifika ekhaya sathethiswa ngokubuya sekuhlwile, kodwa umama walomntwana wavulela ingane yakhe mina wangivalela ngaphandle. Ngalala phandle emapulangweni, ebumnyameni obesabekay kwaze kwasa. Kwaqhubeka isikhathi ngihleli kanzima kulomuzi ngaze ngakhula. Ngezinye izinsuku ngangingaphakelwa. Ngesinye isikhathi indodakazi yalomama yayingibiza ithi asizodla kodwa ngangithi uma ngithatha eyami indishi ngithole ingenalutho. Ngangivele ngiphume ngiyodlala. Ngakhula ke, kunzima kunjalo. Ugogo lo enganginikwe yena angazi noma wayengaboni yini ukuthi ngiyahlukumezeka, wayengakaze asho lutho. Ngagcina sengihlala ngokuzivalela ekamelweni. Ngaqhubeka ngafunda, kodwa ngesikhathi sezikhukhula ngasiyeka esikole.

Ngithe sengiyekile esikoleni kwafika isihlobo sikagogo sangithatha ngayohlala naso, impilo yaba ngcono. Ngokuhamba kwesikhathi impilo yashintsha. Ngesikhathi ngihlala la nganginga fundi. Wafika ugogo ke wangingenisa esikoleni. Sahlala kwaze kwaqala umona ezinganeni zikamama owayengithathile. Waphuma ekhaya wathatha izingane zakhe wahamba nazo wangishiya nomkhulu. Sengineminyaka eyishumi nanye ngabuyela ngayohlala nogogo futhi.

Ngahlala kancane nogogo ngase ngithathwa esinye isihlobo sikagogo ngayohlala naso. Kodwa ekufikeni kwami kulowomuzi umyeni wakhe wathi akabathandi abantu besifazane ngoba bayahlupha. Ngalesosikhathi ngabe senginesoka. Isoka lami lacela ukuzokhokha. Wanqaba nami lomama engangihlala naye wathi usazotshela ugogo. Lalinda-ke isoka lami singayitholi imvume saze salingeka saqala ukwenza ucansi. Ngokuhamba kwesikhathi ngabona sengingasayi esikhathini, ngasola ukuthi ngikhulelwa. Ngase ngazisa umama engangihlala naye, kepha wavuka inja ebomvu. Ngabe sengiyaxoshwa kulomuzi. Wathi lomama ngeke esamfundisa umuntu osewumfazi njengaye. Ngapakisha izimpahla zami, ngaya kohlala nobaba wengane. Wathi eseya ekhaya ngenhloso yokuhlawula ageze nomuzi, bamunqabela bathi kuhlawulwa uma umuntu esebelethile.

Ngahlala ngabuka ukuthi ukuhlala nendoda akulungile. Ngase ngisuka ngabeka umjondolo wami. Sahlukana nobaba wengane, esehlupha, esengihlukumeza futhi eseqonywa. Impilo yaqala ukuba nzima kodwa ngahlala nengane yami. Ngase ngithandana nomunye umfana. Kuyo yonke lempilo engangiyiphila ngangingayekile ukuthungatha ubaba ongizalayo. Ngaze ngezwa umkhondo wakhe lapho sengineminyaka eyishumi nesishiyagalombili. Ngahamba ngaya lapho engangizwe ukuthi wayesebenza khona. Wafika wangitshela ukuthi uyazi ukuthi ngikhona nokuthi ngihlalaphi, akazikhathazanga ngami ngoba akanandaba nento eyingane. Sonke lesikhathi umama akafiki. Wanyamalala kade ngimbuza ukuthi ubaba wami owakabani isibongo ngoba sengaze ngiqome izingane zakwethu. Wathi angeke angitshele isibongo sikababa ngoba ubaba akangenzelanga lutho.. Ngamgcina ngalelo langa kuze kube namhlanje angiphindanga ngambona.

Ngaqhubeka ngamvakashela ubaba. Ayesekwenza nje ukuzama ukukhombisa uthando ayenalo ngami ukwenzela ingane yami izinto. Kodwa lokho akungiduduzanga. Namanje ngisanesilonda ngendlela akhuluma ngayo eqala ukungibona, yize ngahlambuluka emngcwabeni wakhe. Ngakhuluma ngempilo angiphilisa yona ebe ephila. Angiphindanga ke ngaya ekhaya. Umfowabo kababa wathi njengoba sebengcwabe lomfowabo, uyena kuphela abenendaba naye emhlabeni, akusekho okunye okuyomhlanganisa nomndeni. Kwangicacela ukuthi wayethi angiqhelelane nabo. Futhi noma benza izinto abangitsheli lutho. Sengazitshela ukuthi umjondolo lo yilona khaya lami. Anginaso isizungu somndeni. Ngazama ukuhlala nomama omncane ngemuva kokushona kukababa kodwa isandla sakhe sasisibi. Wayetshela ingane yami amazwi abuhlungu. Wayethi nami ngiwumdlwembe, ngashiwa umama. Ngeke yena abe ugogo enganeni yami nakumzukulu wakhe. Ngahamba ke ngoba nezingane zakhe umama omncane zase zilwa zithi mina ngihlalele amafa. Bazongibulala ngoba sengizisondeza kumama wazo.

Kwaba yinhlanhla ukuthi ngisakhungathekile kanjalo, kwaphuma imali yesondlo sengane yami eyayivalekile. Ngaleyo mali ngamane ngathenga lomjondolo onamakamelo amabili. Ngihlala khona ke manje nengane yami. Likhona isoka lami kodwa asihlali ndawonye ngoba lasuke lantshontsha imali yami yesitokofela lahamba layophuza ngayo utshwala. Lesosenzo sangiphoxa futhi sangicasula kakhulu. Sabe sesihlukana unyaka wonke. Ngalitshela ukuthi ngaphambi kokuthi sibuyelane, alikhokhe yonke imali yami. Ngempela layikhokha, kodwa savumelana ukuthi ngeke siphinde sihlale ndawonye.

Ngiye ngaqala ukudayisa ukudla okuphekiwe kwinkontileka njengendlela yokuziphilisa. Ngemuva kwalokho kwaba khona umama owasusa impi ethi umjondolo wami usendaweni yakhe. Okwakudida ngaye ukuthi wayeyitholile indlu yomxhaso. Kwaba umdonsiswano omude sibanga indawo. Kuthe kusuka wabe esenginuka, wathi ngibulale ingane yakhe. Umntwana wakhe wagula kakhulu, kwakusolwa isifo sofuba nengculazi kodwa yena wayethi ngayithakatha ngomuthi engawulanda kude. Kwaba nzima kakhulu ukuphila. Kwaphoqeleka ukuthi ngiwushiye umjondolo wami. Ngase ngihlala emizini yabantu ngenxa yokwesabela impilo yami ngoba wayesenginike umnqamulajuqu wezinsuku eziyisihlanu ukuthi ngisuke emjondolo. Ngavele ngama isibindi ngathi mina ngimunika izinsuku eziyishumi ukuthi awudilize. Kwaze kwangenelela umfundisi wami owabatshela ukuthi lento abayidlinzayo ingamampunge. Abantwana bakhe babona ukuthi ayikho lento, sesiyazwana. Izingane zakhe zihlala zicela kimi ukudla. Kodwa umama wazo yena akangikhulumisi. Ngeshwa indodakazi yakhe okwakuyiyona esasizwana nayo yagula yashona. Ngangesaba ukuya emngcwabeni ngithi kungenzeka ukuthi umama wayo anginuke futhi kodwa ngaqunga isibindi ngaya. Akubanga namsindo nami ngezwa ngithokozile emoyeni ngokuya kophelezela umngani wami eyobekwa endlini yokugcina.

Manje ngiphila ngesibonelelo somntwana. Kanti ke ngibolekisa nangemali ezalayo. Ngo 2006 ngathola ukuthi nginegciwane lengculaza. Ngase ngineminyaka ngithandana nesoka lami. Kwasuke kwafika intombi eyake yathandana naye. Wayesethi kimi lentombazana yayiyisidudla isathandana naye. Ngase sengibuza ukuthi yayisidliwa yini manje. Wathi useyabona ukuthi inengculaza, naye ukhathazekile ngoba kwake kwaqhuma ikhondomu enza ucansi nayo. Ngahlala isikhathi eside ngisaba ukuyohlola igazi. Kodwa ngagcina ngizijubile ngaya kohlola igazi, nempela ngathola ukuthi nginegciwane lesandulela ngculazi. Ngalidabula iphepha lemiphumela ngoba nganginqena ukuthi umama omncane uzolithola. Igazi ngalihlola ngisahleli nomama omncane kanti isoka lami lisale lathola enye intombazana. Lesosigameko sangihlukumeza kwazwela. Ngabe sengigula kakhulu kwaze kwehla namasosha omzimba. Ngabe sengiqala imishanguzo. Inkinga ke ukuthi isoka lami lona aliveli igciwane. Kodwa uyaya emtholampilo ayohlola igazi.

UMAMA WANGICINDEZELA UKUTHI NGIVUME UKUGANA INDODA ENDALA

ESEZWA ELAMALOBOLO

Ngizalelwe eShowe ngo 1978. Ngizalwe ngakhuliswa umama, ubaba esebenza. Besimubona kanye ngonyaka. Ngikhule ngihlala nomndeni wonke kukhona nogogo nomkhulu, nomalume. Sasiyisithupha kumama kodwa sebashona ababili. Kulaba abakhona owesibili ngikhule ngihlala naye kodwa wayesephumile ekhaya. Wayesibheka ngoba umama wayesebenza emafemini. Wayebuya ahlale emsebenzini. Ugogo wayephila ngokugula.

Wagcina ngokushona. Indlela esahlukana ngayo yaba yimbi ngoba sonke sasibalekela ukufa. Konke lokhu kwenzeka ngesikhathi sodlame. Sonke sathatha izindlela ezihlukene. Saze sathuka sesinqwamana nje lapha eThekwini. Ngemuva kodlame sabuye saqoqana sabuyela ekhaya. Kwabe sekushona umalume okwakunguye oweyengumphehli wodlame. Wayelilungu lesigungu esiphezulu sikaKhongolose. Abanye omalume bami bona babengamalunga eNkatha. Kwahlangana abalandeli beNkatha befuna imizi eyisihlanu eyayinamalunga kaKhongolose befuna ukuyibhubhisa, nowasekhaya wawubaliwe. Kodwa ke kabangamfica umalume. Baphuma bayomfuna baze bamthola lapho ayecashe khona. Ayikho inhlobo yephoyisa eyayingamfuni ngoba ewuKhongolose. Wayesolwa ngokumisa impi kaKhongolose nangokwakha oqhwasha bokulwa. Ngakho ke wayephila ngokubhaca. Yagcina imtholile iNkatha, wabulawa kabuhlungu. Bamthola enomngani wakhe, babulawa ngesihluku bobabili. Babafaka itshumetsu nezinsungulo ezinqeni, babahosha amathumbu babasonta izintamo, kwaba ngukufa kwabo. Isilonda esingasoze saphola leso kimi.

Ekushoneni kukamalume izinto zaqala zabheda. Umama wawushiya umsebenzi ngoba wayebuyele ukuzokwenza amalungiselelo omngcwabo kamalume. Kwakulukhuni kakhulu ngoba umalume wangcwatshwa nomngani wakhe owayengenalo ikhaya. Babebulawe yiNkatha bobabili. Umama wahlala ekhaya ukuze asibheke. Mina ke ngangena eskoleni sekushone umalume. Yaba nzima kakhulu impilo. Umama waqala ke ukuxhumana nobaba ecela imvume yokuthi asithathe azohlala nathi eThekwini. Umama wayefuna ukuzohlala eThekwini ezohlala nathi nesoka lakhe. Ubaba wala waphetha wathi umama akasishiye ekhaya nogogo. Wahamba ke umama wasishiya nogogo ogulayo nomkhulu. Wahamba izinyanga ezintathu umama, wabuya futhi esezosibheka. Ubaba wehla naye evela eGoli wazosikhokhela esikoleni. Umama ke wafika wahlala nathi, ngafunda amabanga aphansi. Uma ngiya esikoleni sasihamba nomfowethu. Sasingenabangani. Kwathi ngelinye ilanga sesiphakathi nendlela ebuya esikoleni kwaqhamuka omakhelwane besilisa ababili basimisa, basixoxisa. Bamxosha umfowethu bathi akangishiye ngizomfica ekhaya ngoba bona bafuna ukungithuma. Angisolanga lutho ngoba kwakungomakhelwane bami. Imizi noma yayingasondelene kakhulu kodwa ngangibazi kahle bona. Babe sebengikhombisa omunye umuzi, bathi angibakhaphe ngiyobabizela omunye umuntu. Nembala sahamba saze sayofika kulowomuzi. Oyedwa umfana wangena ngaphakathi kulowomuzi. Mina ngasala nalo omunye umfana simile ngaphandle. Umuzi lo esasikuwo wawuseduze nensimu yomoba. Sama ke emgaqweni, ngangibhince ijakhethi yesikole, ngifake nebhulukwe. Wayithatha wangibopha ngayo amehlo. Wangihudulela esimobeni. Nganginemiyaka eyishumi nambili, ngicabanga ukuthi wayeneminyaka engamashumi amabili nanhlanu. Safika emobeni wathi angihlale phansi. Ngakhala kodwa wangiwisela phansi. Wakhipha into ecijile wadabula ibhulukwe lami lesikole, wangidlwengula. Wathi eseqedile, washaya ikhwela. Kwabe sekuza nalona omunye wazisiza. Base bethi bazongisula ngejakhethi. Ngathi abayeke ngoba nganginalo ulwazi lokuthi awusuli uma udlwenguliwe. Ngahlala emobeni kwaze kwahwalala. Lesigameko sangehlela ngezithuba zasemini. Baphuma emobeni bashaya bachitha. Ngabayeka bahamba baze bayosithela. Ngacabanga ukuthi ngiye yini ekhaya kodwa ngangopha kakhulu futhi nginesiyezi.

Ngithe ngisadidekile kwaqhamuka umakhelwane umaKubheka sengiwile wangibuza ukuthi kwenzenjani. Wabiza indodana yakhe bangithatha ngemoto bangiyisa ekhaya. Ngafika ekhaya bekhathazekile ngoba umfowethu wayeseshilo ukuthi ungishiyephi kodwa wayebasaba naye abafana. Weyengekho umuntu owayengasilwela. Ngafika ngachazela umama ukuthi kwenzekeni. Sabe sesiya kofonela amaphoyisa. Umfowethu wayeseqalile ukufuna izigilamkhuba esizwa abanye omakhelwane, kodwa bangazithola. Amaphoyisa ahamba ayobabheka labafana, angabathola. Abe esengiyisa esibhedlela. Kwasekutholakala ukuthi konakele kakhulu. Angibuza ukuthi ngiyababopha yini. Kwakunzima ngoba imindeni yayizwana. Lo omunye wabe eyisihlobo sasekhaya. Mina ngathi impilo yami le ababedlale ngayo. Ikakhulukazi lo oyisihlobo sami kwakumele angivikele kodwa wangibulala ngiphila. Ngalivula icala. Ngahlala isikhathi eside ngingayi eskoleni.

Kuthe kusuka ngabizwa ikomidi lomphakathi libuza ukuthi ngiyaqhubeka yini necala. Ngavuma ngoba babezoqhubeka benze lamanyala emphakathini uma bengajeziswa. Nangempela baboshwa. Kwaba kubi ngoba lo omunye ubhuti wayezalwa umamkhulu, wayethi ngibophe umfowethu. Kwathi esekhulume kanjalo, umama waya esikoleni, ngase ngithathwa omunye uthisha ngahlala naye. Akuphelanga ngisho iviki ngihlala nothisha, ngezwa kuthiwa umuzi wasekhaya, ushile. Ngiyabona ukuthi kwakushiswa mina ukuze kuphele icala ngoba bashisa urawondi wamantombazana. Angikwazanga ukufunda, kwaba nzima kakhulu. Umuzi kwatholakala ukuthi wawushiswe umfowabo walona owayeboshiwe, naye waboshwa. Babelokhu beliphika icala. Babephumile ngebheyile. Lo owayemdala wagingqika nemoto washona. Lo oyedwa wagwetshwa iminyaka engamashumi amabili nanhlanu. Lo owashisa umuzi akagwetshwanga. Kunzima ukuvakasha ekhaya ngoba abantu basendaweni basasho amagama ayiziswana uma bengibona kodwa ngiyavakasha ekhaya manje ngoba sengikhulile sengiyakwazi ukuziphendulela. Kodwa lesisigameko sangikhinyabeza ngoba ngayeka nokufunda. Umama wangithatha sayohlala eThekwini kwakukhona umama omncane owayeshadele khona. Wabe esesitholela indawo sahlala kuyo. Umama wabe eseqala eqongelela imali naye wakha umjondolo wasekhaya wabe esebalanda bonke abantwana bakwethu sahlala sonke.

Sithe sesizinzile kahle saqala ke ukufunda . Angiwuqedanga unyaka nakhona ngifunda ngilokhu ngibuyelwa yilesisigameko. Kwakukhona omunye ubaba owayengumakhelwane wethu owayejwale ukuthumela udadewabo angibize. Ngangiya ngoba engumuntu omdala. Kwathi ngolunye usuku wangibizela emgaqweni, ngaya kuye futhi ngokukhulu ukungexwayi. Wavele wangibhozomela wangibamba wangiqabula, nami ngazithola sengimuthambela ngavumela lokho ayekwenza kimi. Ngiyakholwa ukuthi wayesebenzisa umuthi. Ngazithola ngithandana nendoda endala nginememinyaka elishumi nantathu. Akekho owayenolwazi ngalento ekhaya ngoba wayethumela intombazana yakubo esasilingana nayo ukuba izongibiza ekhaya. Wayengithengela izinto ezimnandi zezingane. Wayengibiza ntambama senze ucansi, uma sekuhwalele, wayengigodukisa athi ngingabatsheli abantu abadala. Kwaphela unyaka wonke yenzeka lento kungekho futhi nosolayo. Kwathi sekuweDisemba wangitshela ukuthi kushone umfowabo manje usengene umfazi kamfowabo ngoba wayesekhokheliwe kubo. Izinkomo zomfowabo zazingeke ziyodliwa enye indoda yakomunye umuzi ekhona. Wabe esethi kodwa nami uzimisele ngokungenza unkosikazi wesibili. Ngavele nganqaba. Ngamtshela ukuthi asiyeke. Wathi angeke esangiyeka ngoba wayesengonile. Ngahamba ngamshiya, angizange ngilale ngiphatheke kabi. Wayesehamba engifuna engiphathele umkhonto. Wagcina engenile ekhaya ethi ufuna intombi yakhe. Ngathi angisamfuni mina ngoba unonkosikazi. Ngabatshela nokuthi wayemdala kakhulu kimina. Watshela umama ukuthi uzokhokha yonke into. Umama esezwa elezinkomo nemali, wayesengicindezela ukuthi mangivume. Into enye eyayisinzima, umama wayesethi uma esengibuza ngalomuntu, ngangingazi ngithini ngoba ngangingazi ukuthi yonke lento yaqala kanjani. Kodwa umama wavuma ngoba wayethembise ukukhokha. Ngathamba nami ngabuyela kuye kanti ngase ngiyolanda isisu. Ngangingazi nangokukhulelwa, ngatshelwa umama ngoba ngesikhathi ngithandana nalobaba ngangingakayi ngisho esikhathini. Ngesikhathi ngikhulelwe ngagula ngaphathwa izibhobo senginezinyanga eziyisithupha. Ngatshelwa ukuthi uNkosikazi owayesemakhaya uyalwa, usezwile ukuthi ngikhulelwe. Wayesefuna ukuthi ngife nalowomntwana ngoba yena wayefuna ngiyeke indoda yakhe. Kwaba nzima kodwa ngagcina ngibelethile noma ngabeletha kanzima. Umntwana

ngamqamba ukuthi uKwanele ngoba ngase ngihluphekile kakhulu. Ingane yashaywa isilwane isinezinyanga ezintathu ngihleli emzini walobaba. Yavele yakweqa, yathamba, ngayinika yena ngabaleka. Wangilandela nayo weza ekhaya wathi asihambe siye kumthandazi, wayilapha, wayiqinisa. Wayesethi uzongiqinisa nami bese ecuphe nalo ogangayo. Ngemuva kwalokho umama wangithatha wayongiphalazisa idlizo. Ngasuka lapho ngaqonda kuye ngafike ngamtshela ukuthi angisamfuni futhi ngiyamnyanya. Ngamshiya. Ngabaleka. Ngazicingela amatoho. Ubehlala engijaha, ngibaleke. Wagcina engiyekile. Sahlukana kanjalo ke . Ngabe sengiqala ngaphila impilo yami.

Ngasiyeka isikole ngisafunda ibanga lesishiyagalombili. Ngathatha isinqumo sokuthi ayisekho into eyophinda ingihlanganise nomuntu wesilisa. UKwanele eseneminyaka emibili ngahamba ngayosebenzela eMadadeni. Ngasebenza kwaphela unyaka. Ngenye inyanga ngahola ngadakwa utshwala. Ngangingaziwa muntu futhi ngingajwayelene namuntu. Ngangena endlini ngidakiwe. Ngangena ngahlala kusofa, ngangavala emnyango. Ngiyasola ukuthi kukhona abakufaka esiphuzweni sami ngoba ngaphaphama ekuseni sekuphume nelanga nginqunu ngezansi, kanti nasemathangeni nasesithweni sangasese ngangingcolile. Ngabuza komakhelwane nabantu abase bemile bengibuka ukuthi ngabe kwakwenzenjani, nabo baphendula bathi bangifice nginjena. Ngasukuma lapho sengithi ngiyozihlanza endlini yokugezela, ngathi uma ngithi nhla, ngabona indoda enqunu ihudula izikhumba ngemuva kukasofa. Ngamemeza ngabiza omakhelwane ngibakhombisa umhlola, kwatholakala ukuthi omakhelwane bayamazi ngakho ukunukubeza abantu umlisa lowo. Kwavele kwabuya ukuthukuthela okukhulu, ngakhumbula leliyalanga nginukubezwa esimobeni. Ngavuka ngamshaya ngebhawodi, ngabona sekutshaza igazi, engasavuki. Omunye ubaba oyikomidi, wabiza umphakathi, bamshaya waze washona. Bamshiya kanjalo. Kanti lendoda ingishiya nesisu. Kwagcina sekufika nabantu bakubo sebelwa. Umuntu engangihambe naye wathi asibuyele emuva ngoba esabela impilo yami. Intombazane engangixhumene nayo eMadadeni, yanginika inombolo kamama walomlisa owayengidlwengulile. Ngabe sengimfonela ngibuza isibongo sengane, wangitshela isibongo somntwana. Okwaba buhlungu kwavela ukuthi siyizihlobo. Manje abakubo bayayifuna ingane kodwa mina no mama siyala nayo ngoba ngangingithandani noyise.

SengiseThekwini ngaqala ngagula ngaphathwa isifuba. Emtholampilo banginika amaphilisi esifo sofuba, kwavela ngemuva kwesikhathi ukuthi anginaso isifo sofuba. Ngaphinda ngahlola igazi, kwatholakala ukuthi nginegciwane lesandulela ngculaza.

Ngigcine sengithatha isinqumo sokuba yinkonkoni, ngathandana nentombazane, yangishiya sengingasasebenzi. Ngaphinda ngathola umsebenzi, yabuya. Ngase ngiyigadisa ingane yami ke, ngahamba ngasebenza, ngayeseka, ngayenza nekhanda. Ngangikwenza konke, ngakha indlu yethu. Kodwa ke kwabheda mina ekugcineni ngenza ukungethembeki kuye. Ngasuka ngashela enye intombazane ngithi ngiyazenzela yasuke yavuma yase ifaka amazipho. Wangibhadama ngilele nayo lentombazane wadinwa wabuyela kubo. Ngokudinwa ke ube eseshisa izimpahla zami zokugqoka. Ngaya kubo ngiyoxolisa kodwa ubaba wakhe wathi ngihlukumeza ingane yakhe, sasivumelene ngokuthi ngizoyiphatha kahle. Ngakho ke akasafuni nayo, ngeke isabuya ukuzohlala nami. Ngike ngazama ukumncenga ngaxolisa wathembisa ukufika sixoxe. Ngisamlindile futhi nginethemba lokuthi uzofika.

Ngangithi ngiyaganga kanti sengiyona. Manje lo ebengiganga naye, akasafuni siyeke. Manje inkinga kubo kwalentombazane balinde ukuthi ngilobole, futhi abayidedeli uma ngingafikanga mina ngazoyicela. Bangabazali abanesandla esiqinile. Ekhaya ke bayalwazi usizi lwami nokuhlukunyezwa amadoda, ngesikhathi sengibatshela ngesinqumo sokuba yinkonkoni, abazange babe nenkinga. Nginabantwana ababili manje, omunye uneminyaka eyishumi, omunye unonyaka owodwa nezinyanga ezimbili.

Ukuba yingxenye kaMkabayi kuyangisiza noma ngibuye ngisabe ukuxoxa nabantu. Ngiyahluleka ngoba ngisaba ukuthi uzosuke axoxela abanye. Kodwa ukuxoxa kuyasiza, kuyawukhulula umoya nokwesinda kwenhliziyo.

SASIPHILA NGEMALI

YEQOLO

Ndizalelwe e-Eastern Cape, ngo September, 23, 1983. Ekhaya sibathathu. Ndikhule ndingamazi umama wami. Ngikhule notata wami nabantwana bakhe. Umuzi wakokwethu wahlukene kabini. Ngezansi kwakuhlala umamkhulu nabantwana bakhe, ngentla kuhlala mina notata, notatomkhulu. Umama wandishiya ndisemncane.

Wandishiya kumakhulu. Mna ndiphaphame umakhulu eseswelekile. Ndithe ngokukhula ndafuna umama wami. Bekuthiwa ubesoloko ezondifuna, qha otatamkhulu besala nami. Ndicinga ukuba ndandineminyaka elishumi elinantathu. Ndeva ngomunye umama owendileyo ngasekhaya ukuba umama undawoni, ndaye ndamfumana kweyo lali. Ndafika umama engekho kusithiwa useGoli. Ndafikela kudadewabo. Kodwa kwakusondele iChristmas, wabuya ke nomama. Ndabe sendimazi. Sendifunda ndafunda ngalapho. Akabange esabuyela eGoli, ndahlala naye, nabantwana bakhe ababini endandifikele kubo. Ndambuza ukuba wandilahle lani. Wathi wayehlezi kabi notata ngoba wayesoloko emubetha. Wakhetha ukuhamba. Ndambuza ukuba wandishiyelani mna ngoba ndandimncinci, futhi wandishiya komunye umama oyisihlobo, yena wandiyisa ekhaya apho ndandizalwa khona kubotata. Lapho ndakhulela khona. Wathi wayengenakukwazi ukuhamba nami ngemeko ayekuyo. Umama wandixelela ukuba wayesazi ukuthi kokwabo uzophindiselwa emzini lapho ayeshatele khona. Ngexesha ayehamba wayesazi ukuthi uya kumngani wakhe wayengenokwazi ukuya ephethe umntwana eyofuna amatorho. Yathi impilo isingcono eGoli, wazama ukuzondifuna. Wandicela kubo tata phofu utata wala nami.

Ndibe sendihlala sendifunda khona. Kumi kwakungathi uyandihlukumeza. Ndandiva sengathi akandithandi, ngoba akandikhulisanga. Endisebenzisa qho. Kwakungathi uthanda laba ayeseloko ehleli nabo. Wayendishaya. Ndaqhubeka ndihlala kanjalo. Ngamaholide ndandimane ndihamba ndiye kubo katata, naye emana esitshiya sodwa eya eGoli, emana esithumelela imali. Sahlala kanjalo waze wasweleka utata wami. Wabe engekho umama eseGoli. Bafika abasekhaya bezotsho lapha kokwabo. Ndase ndiphindela ekhaya. Kwafihlwa engekho. Kwanyanzeleka ukuba azozilela indoda yakhe. Ndahlala, ndafunda. Ndifunda kabuhlungu. Isikolo sikude, ndihamba ngezinyawo. Wayenayo imali kodwa engandiniki imali kodwa ebanika abanye umama. Kwaba khona omnye umntwana ozalwa utata wathi unayo indlu, andimane ndize ndizohlala naye. Sahlala komnye umuzi. Ndahlala nalomntwana ndandibuye ndilale ndingatyanga. Ngamaholide ndandibamba amatorho. Sekuphele amaholide ndaqhubeleka ndasebenza, ndayeka isikolo ebangeni lethopha . Yaphela inkampani, yemka. Ndasokola, ndahlala ekhaya. Ndathathwa umzala kamama owayehlala eMthatha, ndahamba ndayosebenza kwakhe. Ndithe ndisebenza kwakhe ndakhulelwa. Kwabuye kwavela ukuba umama wayengaphathekanga kakuhle emakhaya. Kwanyanzeleka ukuba mna ndiyeke ukusebenza, ndiye ekhaya ndiyonakekela umama. Ndamnakekela phofu wasweleka ngalowonyaka. Umama wayenesifo sophepha. Eseswelekile umama sahlala nomakazi. Umfowethu wemka waya eGoli wayofuna amatorho. Isimo asibanga sihle. Nomakazi waba nezinto azithethayo kubantu ethi ngeke ahlale nathi akabulalanga umama wethu. Umntwana wasekhaya naye wakhulelwa wazala. Ndabizwa

umngani wathi kunetorho lokusebenza esitolo. Ndandirhola uR150.00 ngeveki. Ndandihlala khona, nditya khona. Ndandithumela uR100 ekhaya ndisale noR50. Ndaze ndayeka ukuphangela ndazifunela indawo yami yokuhlala ndathola elinye itorho. Ndabe sendilanda nomntwana wami wazofunda aphana. Eskolweni ndibhatala ngesibonelelo seqolo. Ndandisoloko ndithumela imali ekhaya. Waphinda wakhulelwa lomntwana wasekhaya. Kodwa ndandisoloko ndiyithumela imali. Wabuya nomfowethu eGoli esencamile engawatholi amatorho.

“ESIKOLENI BENGIKHOKHA NGEMALI YESONDLO SOMNTWANA”

Kwanyanzeleka ukuba ndibathumelele imali bobabini. Kwakungcono ngoba ndandiphiwa nempahla la endanditorhoza khona, ndizithumelele khona. Nomakazi wayehlupha esoloko ebahlukumeza, etya yona lemali engibathumelela yona. Kungcono ngoku umfowethu wathola itorho apha eThekwini, abasaxhomekekile kimi bonke. Kodwa waphinda wamitha lomntwana wasekhaya umntwana wesithathu, manje usehola imali yabantwana abathathu. Sekungcono nakumi. Ngonyaka odlule ndaya emakhaya ndangaphila, kwabuhlungu ingalo yonke. Andasebenza. Ndahlala ndingasebenzi, ndixhomekeke kulemali yomntwana wami. Ndaya kwagqirha, andaba ngcono, ndaba nebhande. Kumanje isenenkinga ingalo yami iyarhawuzela. Ndaya emtholampilo kwafumaniseka ukuba ndinesifo sophepha. Ngoku andisebenzi. Ndiye ndancedwa ukufika kwekomiti laBahlali BaseMijondolo. Liye landinceda ngokundinika ukutya njengoba ndingasebenzi kunzima. Ndikhathazwa ukuba ekhaya bandixelela ukuba ndisuke apha eThekwini ndigoduke manje andifuni mna ngoba ekhaya futhi ndiyohlala qha.

IMPILO NGAPHANDLE KUKAMAMA

YAYINZIMA

Ngizalelwe eRichards Bay. Ekhaya sasibane kodwa oyedwa washona. Impilo ibinzima ngoba ngikhule ngihlala nomama, nomamkhulu, nogogo nabantwana bakithi. Besihlupheka. Ugogo nomama bebesebenza emajalidini siphila ngemali yabo. Kwaya waphela umsebenzi kamama, saphila ngemali kagogo kuphela. Kwaya ugogo waphathwa umdlavuza wesibeletho, wayeka ukusebenza. Impilo yanzima kakhulu. Kwesinye isikhathi sasilala singadlile. Kwaphoqeleka ukuthi umama omncane ayofesa. Ngenhlanhla waqashwa kaMasipala kwaba ngconywana. Uyasondla.

Umama wami uqale ukugula ekhulelwe umagcino wasekhaya. Wagula waze wateta. Wathi eseneminyaka eyishumi umntwana wasekhaya umama washona. Impilo ngaphandle kukamama yabanzima. UMamkhulu washintsha, sasesihlala ngokulwa. Ngakhetha ukuhamba ekhaya nezingane zami ezimbili.

Ekukhulelweni kwami ngathola ukuthi nami nginegciwane lesandulela ngculazi. Sengisikwa ngakhohlwa ukuthatha imishanguzo yokuvikela umntwana omdala. Ngaleyondlela wabe esetheleleka ngegciwane lengculaza. Umntwana wami uye wagula kakhulu esenonyaka owodwa ngalendlela yokuthi sahlala iminyaka emithathu esibhedlela. Wayekhula kancane waze waqala ukuhamba eseneminyaka emithathu. Ngabuyela ekhaya sengikhulelwe owesibili. Yaqala ke inkinga nasekhaya yokuthukwa ngokuthi nginengculaza. Ngaba nenhliziyo embi. Nami ngavele ngafuna ukumzwisa ubuhlungu, umamkhulu owayengithuka. Ngabe sengithatha ikhadi lakhe leqolo ngakhipha yonke imali yakhe ngayidla . Wabona ukuthi yimi owayenze lokho sabe sesixabana kakhulu. Wangixosha ekhaya. Ngahamba ngayoqasha. Ngihlala nomntwana wami wesibili. Lo omunye ogulayo wamthatha yena lomamkhulu esingazwani naye. Inkinga wabona ukuthi ingane izohlupheka ngoba ngibuye ngizizonde ngokuba budedengu. Namanje angikazixoleli ngokungaqikeleli ngilandele nemigomo yomtholampilo. Ukube ngangiqikelelile ngenza konke njengokuyalwa emtholampilo ngabe ingane yami ayihaqekanga isifo sengculaza. Ngibuye ngidinwe, angithandi ukuhlala naye lomntwana. .

Sibe sesihlukana nesoka lami lokuqala, laliqonywa lizalisa kakhulu. Ngakhetha ukulishiya. Manje ngiyabona ukuthi ibhadi lami. Uma ngingakabi nomntwana konke kuhamba kahle. Nginede ngibe nengane, konke kubhede, kodwa manje nginaye umuntu engihlekisana naye. Sengiqalile ngidla imishanguzo yengculaza. Inkinga enginayo ukuthi ingiveza izilonda futhi iyasona isikhumba sami. Kodwa manje sengingcono kunangalesiya sikhathi ngisaqala ukuyidla. Ngiyazama ukudlulisa ukuhlukumezeka okwangehlela ngokuthukwa umamkhulu, kodwa akwenzeki. Ngiyazisola ngokulwa naye. Ngiyazi ukuthi kwakufanele ngimhloniphe. Kodwa kwangicasula ukuthi akhipha izimfihlo zami angeneke nasezinganeni zakithi. Ngiyabona ukuthi ngathatha izinqumo ezibhedayo. Okwamanje angazi noma kumele ngixolise yini. Ngisancenga inhliziyo, ngifuna nokuzixolela mina. Esikoleni ngigcine ebangeni lesishiyagalolunye. Ngadudana nabangani abangalungile ngaze ngayeke isikole. Ngadlala ngethuba. Noma ngifisa ukubuyela kodwa akuselula ukufunda senginabantwana.

UKUSHONELWA ABAZALI BAMI BOBABILI BELANDELANA EDUZE KWANGIZWISA

UBUHLUNGU OBUKHULU

Ngizalelwe eThekwini. Kumama sibane, kubaba siyisishiyagalombili. Ubaba wayenesithembu. Umama uwunkosikazi wesibili. Isimo besikahle ubaba nomama besasebenza. Besizithola kahle izidingo zethu. Umama wathola ingane engilamayo ngo 1993. Ngo1994 wangiyisa kuNkosikazi omdala kababomdala eEastern Cape. Ngiqala ukufika ngazizwa ngimukelekile. Ngafika ngisazichamela uma ngilele.

Umthetho wasekhaya, umuntu ochamayo kwakuthiwa akalale enqunu. Ngakho ke sasilala phansi sonke siyizingane ngoba kwakukhona nabanye ababechama njengami. Ngicabanga ukuthi ngangiseneminyaka emihlanu ngelanga engaphaphama ngalo umfowethu ebeke itotolozi yakhe emathangeni ami. Mhlawumbe yena wayeneminyaka cishe engamashumi amabili. Futhi yena wayengachami, ngakho ke wayengalali nathi phansi. Ngiyabona ukuthi umzala lona wayezama ukungidlwengula. Ngagxuma ngabaleka ngaya embhedeni lapho kwakulele khona umamkhulu. Ngaya ngithi ngiyolala naye, naye wavele wangifaka umunwe enkomeni. Ngabaleka ngahlala ngezinqa ngangalala, kwaze kwasa. Ngahlala kanzima sengisaba uma kuzohwalala. Ngase ngilala obenyoni. Kwaphela izinsukwana umama wafika ezongibona. Esebuyela emumva umama esengishiya, ngakhala ngazibhuquza. Ngangikabi nesibindi sokuchazela umama ngokwakwenzekile. Kodwa umama wagcina eqoqe izimpahla zami, wangithatha ngabuya naye seza eThekwini.

Lendaba angikaze ngiyitshele ngisho umama. Ngangingazi ukuthi indaba yami izothathwa kanjani. Ngafika eThekwini ngaqala isikole. Angiphindanga ngavakasha kamamkhulu. Wafika wazovakasha la eThekwini, kodwa wayengicika, futhi ngangingahlali naye endlini eyodwa. Ushone ngonyaka odlule ngimzonda. Kwathi kusenjalo ubaba waphelelwa umsebenzi. Kwaphoqeleka ukuba umama amele ikhaya. Ubaba waqala eseqala ephuza ngokunamandla, wacwila otshwaleni. Walibala abangani abangalungile, waqala waqonywa. Kwabe sekungukuqala kwempilo eyayingeyinhle ekhaya, ikakhulukazi kubaba nomama. Ubaba waqala wasihlukumeza elwa, kodwa umama yena wayemshaya. Ngelinye ilanga wamshaya ngalendlela yokuthi umama waze waqathakelwa amazinyo. Umama nobaba bagula kanyekanye, waba ngcono ubaba. Umama yena wabambeka washona. Kwadlula isikhashana nobaba wahlabeka naye. Kwaba buhlungu kakhulu ukushonelwa abazali ngonyaka owodwa.

Kushone umama kwaphoqa ukuthi ngihlale amasonto amabili emakhandleleni umama engangcwatshwa ngenxa yokusweleka kwemali. Kwaze kwasiza ukufika kukamalume nomalumekazi bahlala emakhandleleni. Umalume wapatanisa, wafihlwa umama. Manje imina engimdala. Umalume wabathatha ababili abancane, lo olama mina wasala nami. Sasala sahlala nodadewethu ozalwa umamkhulu, wasigada ke kwaze kwashaya uDisembar. Sabe sesihamba ke sayoqala impilo entsha kwamalume eEastern Cape. Umalume ubeyiphoyisa ehlala emsebenzini. Umalumekazi ubengasiniki ukudla, asivuse ekuseni athi masiye engadini, siqede siwashe. Wayesinikeza ukudla uma sekuyoshona ilanga. Izingane zakhe zazidla okuhlukile kunokwethu. Sasidla ukudla okungasile. NgoJuni sekuzovalwa izikole wathi umalumekazi angiyeke isikole, yini engiyifundelayo. Ngangihamba ibanga elide kakhulu ngoba ngangiya ngenkani. Wangincisha imali yebhasi. Lalize lishone ilanga ngisendleleni. Uma siyofunda noma siyodlala, umalumekazi aqambe

amanga athi sizulile. Afike umalume angabuzi, asishaye ngentambo kagesi. Ngelinye ilanga umalume wangishaya ngentambo kagesi ngalala phansi amasonto amabili ngingingavuki, ngingachami. Kwakubuhlungu. Ngelinye ilanga samenywa kamakhelwane nezingane zikamalumekazi, saya khona. Malumekazi wafonela umalume wathi asikho. Ngokuphazima kweso wafika umalume. Ngabona ukuthi usezophinda leso sentambo kagesi. Ngabona kungcono ngizibulale mina kunokulinda umalume. Ngathatha umuthi wokubulala amagundane, noparaffin. Lengane yokugcina yayitheleke ngengciwane lengculaza umama ebeletha ngakho ke yayidla imishanguzo yengculaza namaphilisi okuvimbela isifo sofuba. Mina nezingane zikamalume ezimbili sahlukaniselana imishanguzo noparaffini, sakuphuza. Saphaphama esibhedlela sesixhunywe amapayipi. Ngenhlanhla akekho owashonayo. Sampontshwa udoti. Sase siya kosonhlalakahle. Wagcina ke ukusishaya umalume ngalelonga.

UMalumekazi wayevusa ingane yakwethu encane ayiwashise izingubo zangasese. Ngelinye ilanga umalumekazi washisa ingane yakwethu ngamanzi esiswini, leso kwakuyisenzo sokuziphindiselela ngoba ingane yakwethu yayishise ingane yakhe ngephutha. Wathi ufuna ukuyizwisa nale yakithi ukuthi kunjani ukushiswa amanzi. Impilo yaba nzima kakhulu, sahlela ukweqa sonke saya esigodini sakubo kaBaba. Safika sahlala nomamkhulu, wasiphatha kahle. Ngaqhubeka nokufunda kodwa angiphumelalanga kahle. Ngase ngiyamtshela ukuthi isiXhosa siyangihlula ngicela ukubuyela eThekwini. Ngathi ngifunda ibanga leshumi nanye, ngakhulelwa. Ubaba wengane wayiphika ingane. Wathi ngimithe kanjani ngiqala ukwenza ucansi. Ngaphoqeleka ukuba ngisikhiphe isisu ngoba ngangifuna ukuqhubeka nesikole. Nomamkhulu washo ukuthi okhulelwayo uzoyeka isikole aphathe ingane yakhe. Ngafonela eMarie Stopes, ngasikhipha isisu. UBaba wengane wangibuza ngesisu, ngathi sengisikhiphile. Wathi ubedlala, ubengihlola ukuthi angeke ngikhombe yini enye indoda. Ngathi mina sengikwenzile ke. Ngahlukana naye, ngathandana nomunye umuntu. Ngakhulelwa sengifunda umatikuletsheni. Ngakhetha ukuyigcina ingane. Ngathi ngiya emtholampilo, ngathola ukuthi nginegciwane lesandulela ngculazi. Ngadonswa igazi kwatholakala ukuthi amasosha ayephansi, ngaqala imishanguzo ngabe sengiyilandela yonke imigomo yasemtholampilo. Umntwana wami akanalo igciwane. Ngamtshela ubaba wengane, kwaba nzima. Kodwa wagcina naye eyile emtholampilo ukuyohlola igazi wathola ukuthi naye unalo igciwane lesandulela ngculaza kodwa akakayiqali imishanguzo.

Ngo 2013 ngezwa ukuthi umfowethu lo owayezame ukungidlwengula washona. Kuthiwa wayengayithathanga kahle imishanguzo yesandulela ngculaza wagcina enesifo sengculaza. Ngahluleka nokuzenzisa, angiyanga ngisho emgcwabeni wakhe. Ngambona egula nje ngajabula.

Manje impilo inzima. Umfowethu omncane usahlala nonkosikazi omdala kababa. Konke kusahamba kahle, baphathene kahle. Mina ngihlala nodadawethu ababili. Kuyazameka khona ngoba asilali singadlile. Ngisebenza izinsuku ezimbili ngesonto, ngihola ikhulu lamarandi ngosuku. Siyazama ngaleyomali. Udadewethu omunye wathola umfundaze, wenza izifundo ze “computer”, lomunye ufunda mahhala ibanga lesishiyigalolunye.

INKINGA EYAYIKHONA KUBUDLELWANE OBUSHA

UKUTHI NGANGISHAWA

Ngizalwe endaweni yase Thekwini. Kumama besibane, nima ngingowesibili. Sikhulele khona eMthwalume. Sineminyaka eyisishangalolunye sisukile eMthwalume ngoba umama wayesehlukene nobaba. Umama wayesephuza eseqala ukulwa nobaba. Wasithatha ubaba wasiyisa kosonhlalakahle endaweni okuthi iPlace of Safety. Kunemali ayeyikhokha ubaba ngoba sasingezona izintandane.

Lapho esasihlala khona kwakuyindawo yezintandane, kodwa thina sasigciniwe ngoba engekho ongasinakekela. Sakhula sihlala khona, sifunda esikoleni sakhona. Emva kweminyaka eyisihlanu sengifunda ibanga lesibili saphuma umama nobaba sebeyilungisile inkinga yabo. Ngesikhathi sikhula sasazi ukuthi umama usashona. Saze sambona esezosilanda ukuthi kanti wayesaphila. Sahlala sonke, umama wabe esephathwa isifo sofuba. Washona ngo 2001. Sengifunda ibanga lesikhombisa ngabe sengiyakhulelwa. Sengithole umntwana umamncane wathi angisiyeke isikole sengiwumzali ngikhulise ingane. Ngahlala phansi ngagada ingane yami. Ubaba wengane yami ubengayondli. Uma ngicela ukuthi asixhase nomntwana, ubevele athi ikhona imali yeqolo.

Ngo 2010, ngangivakashele ubaba wezingane zami, sabe sesihilizisana. Ngadinwa kakhulu ngavuka ekuseni ngovivi ngagoduka. Kwakusemnyama kakhulu ngesikhathi ngiphuma endlini. Endleleni ngahlangana nomuntu wesilisa, wathi angilethe imali, ngathi anginayo. Wathi angilethe umakhalekhukhwini, ngathi anginawo. Wathi ucela ukuqinisekisa ukuthi anginawo ngempela yini umakhalekhukhwini nemali. Wabe esesondela, wangiwotawota wabe esengiholela endlini eseceleni komgwaqo ebhodlokile, wangidlwengula. Kulendlu kwakundlaliwe amashidi, kusho ukuthi yilapho ayenzela khona imikhuba yakhe. Wangidlwengula ke waqeda. Ngathi mangiphuma kulendlu kwaqhamuka omunye umuntu owathi kimi hawu, usuphuma emphelandaba. Lokho kwangikhombisa ngokusobala ukuthi leyondawo kusho ukuthi iyaziwa ngokunukubeza abesimame.

Ngadlula ngasesiteshini samaphoyisa. Ngafikelwa umqondo wokuyovula icala, kodwa ngangesaba ngisho ukuyobika ngoba ngangingambonanga umuntu owayengidlwengulile ngoba wayezimbozile ebusweni. Ngafika ngambikela ubaba wengane yami ukuthi kwenzekeni, wavele wakhuluma into ebuhlungu wathi: ubuvele ufuna khona ukudlwengulwa, uma usile kahle ekhanda wena ungavuka ekuseni ngovivi uhambe emgwaqeni. Ngavele ngamala. Ngathandana nomunye. Inkinga ke wayenesibhaxu. Wayenesikhwele esibi, ubevele angisukela athi ngiyajola. Ngelinye ilanga wangishaya ngaquleka.

Ngo 2011 wangishaya ngepulangwe ekhanda, waxolisa. Ngonyaka odlule, ukhisimuzi ngiwudlele esbhedlela, wangishaya ngepayipi lensimbi. Lapho ke ngamvulela icala. Waphuma ngebheyili kaR1500. Namanje usahamba icala. Ulibele exolisa. Sesihlukene ke ngoba ngibonile ukuthi isigcino uzongibulala. Ngesikhathi engishaya ingane wayeyikhiyele phandle mina engishayela ngaphakathi. Ingane yami iyayixoxa leyondaba. Ngiyabona ukuthi yahlukumezeka ngoba yenziwa ufakazi ecaleni lokuhlunyezwa kwami. Manje isahamba kosonhlalakahle nabaluleki bengqondo. Impilo ayinzima neze ngoba ubaba usangondla namanje. Njalo ekupheleni kwenyanga ufaka uR800 wesondlo sethu, sibathathu ngoba intombazana yasekhaya izihlalele ezintabeni, ikipitile. Iyagula isigqutshwa ngebhala.

NGANGINEMINYAKA EYISHUMI NANYE NJE VO NGESIKHATHI NGITHOLA

UKUTHI NGIKHULELWE

Ngizalwe ngo1983 ngizalelwa e-Eastern Cape. Ekuzalweni kwami ubaba nomama bahlukana. Ubaba wathola omunye unkosikazi. Yilapho ke impilo yaqala yabanzima. Ngaqala ukuhlukumezeka. Nasesikoleni angiyanga. Ubaba wami ubelalela okushiwo umamncane. Umamncane ubengihlukumeza, angishaye ekhona ubaba kodwa angasho lutho.

Obekuxaka ukuthi kwesinye isikhathi ubeke naye alekelele bangishaye bobabili noma icala ngingalazi. Ngezinye izikhathi bengishawa ngize ngilaliswe emnyango. Indaba yami yayaziwa endaweni kodwa base behlulekile omakhelwane ukungisiza. Ngelinye ilanga bangishiya ngedwa ekhaya. Ngathi nje ngisahleli kwangena amadoda amabili ezimboze ubuso. Angibamba, angilalisa phansi, angidlwengula ephindelela eshintshana ngami. Aqeda aphuma abaleka. Ubaba nomamncane baze babuya ngakusasa sekuze kwasiza omakhelwane abangiphuthumisa esibhedlela. Nalapho abakhombisanga ukuba nendaba nokwakungehlele. Indaba yami yaphakanyelwa omakhelwane. Ngabuya esibhedlela. Ngaqhubeka ngahlala ekhaya. Kwakukhona umakhelwane owayengikhonzile wangithatha ngasese wathi masiye esibhedlela. Ngavuma ukuhamba naye noma ngangingazi ukuthi siyokwenzani esibhedlela. Ngathola endleleni ukuthi ngangiyohlola ukuthi ngangingakhulelwanga yini ngesikhathi ngidlwengulwa. Nganginemiyaka eyishumi nane. Kwaba nzima kakhulu sekutholakala ukuthi ngangikhulelwe. Impilo yabanzima ngoba ekhaya babengasangiphi nokudla. Ngase ngidla kamakhelwane. Kuhambe isikhathi eside ngihlupheka. Ngibe sengizwa ukuthi umama ubuyile ukhona endaweni ngoba ubesezwile ukuthi angihleli kahle.

Ngempela kwavela ukuthi umama ubesezongilanda. Umama wangintshontsha sabaleka naye ubaba engazi, seza lapha eThekwini. Safika eThekwini isimo sanzima kakhulu njengoba umama wayengasebenzi. Sahlala emqashweni. Nami lapho ngikhulelwe kodwa umama ezama ukuthi silale sidlile. Sase siphila ngokucela komakhelwane. Sahlala kanjalo kunzima kwaze kwafika isikhathi sokuthi ngisikwe. Ngaya esibhedlela ngayobeletha. Kwatholakala ukuthi ngangikhulelwe amawele. Ngabeletha kanzima ngokuhlinzwa. Kodwa ke elinye iwele lenda. Ngemumva kwenzinsukwana ngaphuma ke esibhedlela ngazama indlela yokuphila. Ngangihamba ngifuna amatoho okuwasha emizini yabantu ukuze ngikhulise lomntwana. Impilo isenzima kanjalo ngaphinde ngaxakeka kakhulu sekugula umama. Ngangehla ngenyuka ngedwa nomama egula. Ngaze ngasizwa ukufika kukakhulu okunguyena owathatha umntwana wami wahlala naye. Umama wagula walaliswa esibhedlela. Kwakunzima ngingenayo ngisho imali yokuyomubheka nokumuphathela ukudla. Ngesinye isikhathi ngangihamba ngezinyawo ukuya komubheka esibhedlela.

Ngelinye ilanga ngamufica elele emabhentshini kwathiwa usekhishiwe esibhedlela. Kwaba buhlungu kimina ngoba ngangibona ukuthi ubambekile. Kodwa ngamthatha sagoduka. Sathi sifika endlini wafike washona. Kwaba buhlungu ngoba ngangingedwa. Omakhelwane bezwa ngesililo nje. Kuthe ngisakhungethwe izindaba zokufa kukamama, kwafika umubiko owawuthi nobaba naye amusekho. Kwaba nzima kakhulu. Abazali bami bashona kanyekanye kodwa babesendaweni ezahlukene, bangishiya ngesonto elilodwa. Kwaphoqa ukuthi kube yimi ohlalela umama emakhandleleni. Kwaphela amasonto amathathu umama

ehleli engangcwatshiwe ngoba imali yokumngcwaba ingekho. Kwaze kwasiza ibandla engangikhonza kulo langithwalisa, wafihlwa umama. Ngibe sengiphila ngamatoho ke kusukele kuhambe umama. Namanje ngisahlala emqashweni. Okubuhlungu angiyiboni inqubekela phambili ngempilo yami. Mina ngakhuliswa umama ngihlala emqashweni, waze wafa wangishiya khona. Manje inhliziyo yami ibuhlungu uma ngibona nabantwana bami bekhula kanjalo. Lokho kungiphatha kabi.

Kuhambe kwahamba ngathola umuntu esabambisana naye othandweni. Kwaba mnandi kakhulu ekuqaleni ngoba kwakusanda kushona umama. Okwakumnandi futhi nomuntu wami wayephuma emakhaya, enobuntu engakazi lutho ngempilo yasemjondolo. Sahamba isikhathi wangijikela umuntu. Waqonywa kwangagcina lapho wangakhela nezitha. Kuze kube yimanje usaqonywa, ayisekho injabulo nokuthembana othandweni lwethu. Okwangihlukumeza kakhulu, ngithe uma ngithola ukuthi uyaqonywa, wavele wazama ukuzibulala ngokuzikhunga endlini esasihlala kuyo. Kwaba buhlungu kakhulu ngoba lapho kwaba yimi umuntu omubi nowayesolwa ngokuloya indoda. Ngenhlanhla lesosiwombe sadlula kodwa wagulela ukufa esenesifo samasoka esitholaka ngocansi. Wathi uma eya kubalaphi bendabuko bathi unelumbo. Wagula wacishe wafa enenyoka ehamba esinyeni nodokotela bengayiboni. Ngahamba naye ngimeseke kukho konke kwaze kwaba uyalulama. Kodwa khona futhi eselulema, akabanga nanembeza nokukhumbula ubunzima esasidlule kubo, usebuyele khona emikhubeni yakhe.

“UKUMUTHOLELA UKUDLA NOKUMUVAKASHELA ZONKE IZINSUKU KWAKUNZIMA”

Sengike ngikhulekele nje ukuthola amandla okwakha indlu yami ukuze mhla kufika ukufa abantwana bami babe nekhaya. Nginabantwana abathathu manje. Lo omunye uhlala ezihlotsheni. Ubaba walomunye akamondli nhlobo kanti lomunye wesithathatu uyise uyamondla uma amatoho evela. Kanti futhi naye lomathandana engihlala naye uyasiza ngendlela asiza ngayo ukuze sikwazi ukudla.

OMNYE UMZALA WAMI WAKE WAZAMA UKUNDIDLWENGULA

NGENYE IMINI

Mna ndizalwe ngoSeptember 14, 1987. Ndizalelwe apha eThekwini kodwa apho sivela khona kuse Eastern Cape. Ekhaya sibasihlanu ngoku. Ekhaya ndandihlala nomalume nomalumekazi. Kuke kwanzima ndikhula nomalume ngoba sasingamantombazana sibaninzi.

Bendingakwazi nokuthola amapads, bendize ndisebenzise indwangu. Umama wayengayithumeli imali ekhaya. Omnye umzala wami wake wazama ukundidlwengula ngenye imini. Ndandithanda ukujonga umabonakude. Sasibabini endlini wase eyandibiza wathi andihlale phezu kwakhe. Ndicinga ukuba wayeneminyaka engamashumi amabini anesibhozo. Mna ndandineminyaka eyishumi nambini. Ndiye ndaya ndagona kuye. Ndothuka sendihleli kuye sendiva ukuthi kukho into ayesifaka kumi ngoba sasembethe ingubo. Ndaye ndakhawuleza ndaphakama, ndabaleka ndaya egumbini lokulala. Into le andikaze ndiyixelele mntu nangoku phofu ndaxelele umama qha ngemuva kokuba umzala wami eseswelekile.

Ndiye ndaba nomntwana ndifunda ibanga lesibhozo ngo2005. Ndahlala unyaka wonke ndikhulisa umntwana. Okwaba ngcono ukuthi utata womntwana wayendinceda ngokukhulisa umntwana wade waba neminyaka emine.

Umama wathi andibuye ndizo gqibezela izifundo zami apha eThekwini. Ndize ndagqiba ke ukufunda ndipase ibanga letshumi. Ndahlala ndingenzinto namatorho ndingawatholi. Ndihlale iminyaka emine ndingenzinto ndaze ndadibana nomunye umntwana wathi Elangeni kufundwa mahhala. Ndiye ndafunda Elangeni ndafunda izifundo eziphathelene nokukhusela imiphakathi yethu sibambisene nomnyango wezobulungiswa. Ndisafunda nangoku, sendenza unyaka wokugqibela. Impilo ayilulanga. Kuninzi endikufundileyo. Konyaka ophelileyo ndiye ndarhawuzela emzimbeni wami. Ndabe sendiya emtholampilo ndafumana ukuba ndinentsholongwane kagawulayo. Ndiye sendithatha igazi ndafumana ukubana igazi lami alindivumeli ukuba ndithathe amapilisi, ndafumana ukuba amasotsha ami ayephansi eyishumi nantathu. Ndiye ndanikwa amapilisi endawathatha iveki eyodwa.

Ndabe sendiyabuya kwiveki elandelayo, ndandigula kakhulu. Ndiye ndafuma ukuba noba ndandingaphilanga andikwazanga ukuthatha amapilisi ngoba imishini yokuhlola isifo sophepha yayifile. Ndandingxamile ndifuna bakhawulezise bandinike amayeze kagawulayo. Kwafumaniseka ukuba ugqirha soze andinike iipilisi engandihlolelanga isifo sephepha. Ndaphatheka kakubi ndandingaboni iyophela iveki. Ndahamba ke ndabuya, ndafika ekuseni kakhulu. Ndaye ndambona ugqirha ndase ndiyawafumana amapilisi. Ndase ndiyalelwa ukuba ndiwathatha kanjani. Amapilisi andincede kakhulu. Ndibona umehluko empilweni yami. Ndiye ndaqwashisa nabanye abahlobo bami ngokuthi baye emtholampilo bayobheka isimo sempilo yabo. Akubanga nzima ekhaya ngoba nomama wami naye wayesela amapilisi. Ndaye ngaxelela nomasihlekisane wami. Unyaka wesibhozo lo sithandana, asinaye umntwana. Ndicinga ukuba nguye owandenza ndagula ngoluhlobo ngoba ndafumana amapilisi endlini yakhe. Ndathi mandimbuza ukuba awani wathi awentsholongwane kagawulayo kodwa akawaseli. Ndiyabona ukubana wayexoka. Ubewasela ngasese. Yikho ndiye ndagula ngoluhlobo. Wayesexolisa wathi akafuni sihlukane. Andimzondi ngoba ndandivele ndinayo intsholongwane kagawulayo phofu amasotsha ami ayephezulu, ndandizinakekele. Ngoku siyaqhubeka siyathandana. Uyandazi ukuthi ndiyatya izipilisi phofu andazi ukuba uyaqhubeleka nokutya ezakhe izipilisi. Kodwa ndihleli ndimxelele ukuba kubalulekile ukuzinakekela ukuze aphile ngoba unabantwana abambhekileyo ukuba abondle njengotata.

KWAKUBANDA KAKHULU EBUSIKA KUNZIMA NOKUYA ESIKOLENI NGOBA,

SAHAMBA NGEZINYAWO

Ngazalelwa endaweni yasoBonjeni. Ngikhule ngihlala nabazali bami nogogo nomkhulu. Kuthe ngo 2002 washona umama. Umama wayenesifo sofuba nengculazi. Umama nguye owasichazela ngesifo ayenaso ngoba wathi akafuni sinuke abantu sithi uthakathiwe. Kwaba buhlungu kakhulu ukushona kukamama ngoba washiya ingane eneminyaka emibili.

Kwaphoqeleka ukuthi ngiphume esikoleni ngisafunda ibanga lesithathu. Akuphelanga sikhathi esingakanani, nobaba wadlula emhlabeni. Saqhubeka sihlala nogogo nomkhulu. Mina njengomntwana omdala wentombazana ngaphoqeleka ukuhlala ekhaya ngingafundi. Ngahlala ngingafundi kodwa saxhunyaniswa nosonhlalakahle abasizamela ukuthi sifunde. Isikole sasikude, ngakho ke ebusika ngangisiyeka isikole ngoba kwakubanda singenazo nezicathulo. Kanti okunye ngangilokhu ngiphinda amabanga ngenxa yokulova nokucabanga ngokushona kwabazali bami. Esikoleni bengigqugquzela ukuba ngidlale imidlalo eminingi ukuze ngikhohlwe isimo sasekhaya. Othisha bakhombisa uthando ngoba ngisho noma ngihleli ngedwa esikoleni babengibiza bangixoxise. Kwahamba kwahamba kwabangcono, ngaqala ukuncibilika. Esikoleni ngagcina ebangeni lesihlanu ngoba ngakhulelwa. Ngibe sengihlala ekhaya ngikhulisa ingane yami, khona kwakungenzima ngoba wayengeseka ubaba wayo. Ingane ineminyaka eyisithupha manje ihlala ekhaya nogogo. Kwakubuhlungu ukuba umama osemncane ngoba ngakhulelwa ngingakayi ngisho esikhathini. Isoka lami lathi kukhona into elalicela ngilizwise yona, nembala ngalizwisa ucansi. Ngemuva kwalokho ngabaleka ngayohlala ezihlotsheni ngoba into esayenzayo yayibuhlungu kanti sengibaleka nomntwana esiswini.

Manje sengihleli la eThekwini ngisazama amatoho. Ngiphila ngemali yesibonelelo seqolo bese ngithenga ukudla. Abantwana basekhaya bakhula kahle ngoba osonhlalakahle bayabanakekela. Bahleli nogogo bayafunda. Nobabekazi okunguye obaholela imali, uyabanika. Kanti futhi ubabekazi uyanakekela ukuthi imali enye bayongela ukufunda amabanga aphezulu. Enye bathenga ngayo ukudla. Impilo yabo ayinzimanga kakhulu.

UMA NGIBONA UMUNTU WESILISA EPHETHE UMNTWANA, NGIVELE NGICABANGE

UKUTHI UYAMHLUKUMEZA

Mina ngizalelwe endaweni yase Appelsboch ngo 1981. Ekuzalweni kwethu besiyisithupha. Sikhule ngokwahlukana. Ngikhule ngihlala nobaba lapho ebesebenzela khona ngoba ubaba wacela ukuba ngizohlala naye. Kuhambe kwahamba ubaba waqala ukungihlukumeza ngokocansi. Lomkhuba wakhe wawuqala nginemiyaka eyishumi nambili. Ngamtshela umama iqala ukwenzeka lento, kodwa angisizakalalanga.

Umama wavele wathi angeke aze ayisukumele lendaba ngoba uyena ubaba owayesondla ekhaya. Ngakho uma embuza ukuthi uyenzelani lento, wayezodinwa, adube umndeni wonke angawondli. Wangicela ukuba ngibekezele futhi ngingatsheli muntu. Kwangihlula ukuqhubeka ngihlale nobaba ngase ngicela ukubuyela ekhaya. Ngabe sengisuka ngimshiya ubaba ngayohlala nomama. Lokho akungisizanga ngoba wayethi uma ebuyile aphinde aqhubeke. Ubaba wayengisabisa ngokuthi uma ngike ngasho akwenza kimi, wayeyongisakaza ubuchopho ngesibhamu. Ngangisaba kakhulu ngoba wayenaso ngempela isibhamu.

Ngaze nganquma ukuthi ngilishiye ikhaya. Ngantshontsha imali ekhaya ngeqa, ngangingazi muntu lapho engangiya khona. Ngagibela isitimela ngathi ngehla esiteshini ngathola omunye umama owalalela udaba lwami, wangidabukela. Lomama wangimukela ngothando, ngahlala naye iminyaka emithathu. Ngokuhamba kwesikhathi lomama wahlaselwa ukugula, wabe usuyafika umndeni wakhe wamthatha.. Mina ngase ngiphelelwa yindawo eyabe isiyikhaya kimi.

Ngabe sengisuka ke sengithatha izimoto ezazibuyela ngasekhaya. Ngafika endaweni kodwa ngangaya ekhaya. Ngaya ngabuza kubabekazi owayengumakhelwane wasekhaya ukuthi isimo sasinjani ekhaya nokuthi zikuphi izingane zakwethu. Wangitshela ukuthi sezahamba zayofuna amatoho eMzumbe. Ngasuka ngahamba ngaya ukuyozifuna. Ngempela ngafike ngazithola ngase ngihlala nazo.

Manje lento yokuhlukunyezwa ubaba yangididisa kakhulu kumanje sengicwila otshwaleni. Angisabuthandi utshwala kodwa ngizama ukudidisa ingqondo nokulibala yilesisigameko. Ubaba yena sewadlula emhlabeni kodwa ngendlela engimzonda ngayo angiphumelelanga ngisho ukuya emngcwabeni wakhe. Umama uyafisa ukuba ngibuyele ekhaya. Akulula ukubuyela ekhaya ngoba umama angimthandi. Umama yena ngamkhipha enhliziyweni yami ngoba akangivikelanga ngimncane nangesikhathi ngimdinga futhi ngithembe yena yedwa emhlabeni. Ngake ngabaxoxela odadawethu ngokuhlukumezeka kwami. Manje bona bayangincenga ukuba ngixole ngibuyele ekhaya kodwa akulula. Uma ngibona izindlu nezindawo lapho ubaba ayengihlukumezela khona, inhliziyo yami igaya izibozi futhi kubuye konke.

Esikoleni ngafunda ngagcina ebangeni lesishiyagalolunye. Ngangizifundisa ngemali yamatoho. Ngangisiza ngidayisela omunye umama owayenetafula esiteshini ukuze ngithole amasentshana.

Kuthe sengineminyaka eyishumi nesishiyagalolunye ngathandana nomuntu engathola kuye umntwana. Umntwana wami ngabe uneminyaka eyishumi manje kodwa washona eneminyaka emithathu nezinyanga eziyisikhombisa. Kuze kube manje angazi ukuthi wayephethwe yini. Kwaba sengathi umkhuhlane nje,

“ISIKOLE NGASIYEKA SENGIFUNDA IBANGA LESHUMI”

kwabe sekuyamenela. Okwamanje ngihleli kahle nentombazane yangasekhaya, angikhokhi lutho. Inkinga nje ukuthi angikalitholi itoho. Yilokho nje okungikhathazayo. Ngisho kwamaholide abantu beya emakubo ngizihlalela khona la emqashweni ngoba ayikho into emnandi engingayiyela ekhaya.

Isigameko sokuhlukunyezwa ubaba sangenza ngazonda isilisa. Kuyimanje nginobudlalwane nabantu besifazane. Ngiyabazonda abantu besilisa. Ngisho ngihleli ngiphuza nabo ngike ngifikelwe ukuthukuthela. Enye into engihluphayo ukuthi angisawathembi onke amadoda. Ngike ngicabange ukuthi wonke afana nobaba nokuthi omama bonke bayanikela ngezingane zabo emadodeni. Ngike ngithi noma ngibona umuntu wesilisa ephethe ingane yakhe yentombazana ngicabange ukuthi kodwa umama waleyongane uyaphila yini ekhanda. Kanti iqiniso akusibo bonke abantu besilisa abanonya. Noma ubaba eyiphethe ngothando ingane yakhe ngivele ngingathembi. Ngifisa ukuba ngingathola ukululekwa ngokwengqondo ngidlulise yonke lento ngoba iyangikhinyabeza nokuthi ubaba washona singakhulumanga.

NDIZITHENGISELA UTYWALA UKUBA

NDIKWAZI UKUPHILA

Ndizalelwe eEastern Cape, ngo1986. Ngobunzima bobomi ndiye ndahamba ndeza apha eThekwini ngo 2011. Ndifikele kulo tato womtwana phofu asisahlalisani kwangoku. Sendizifumanele eyam indawo. Andisebenzi. Ndizithengisela utywala ukuba ndikwazi ukuziphilisa. Ndinaba ntwana abane. Ndabasalisa ekhaya nomakhulu. Ndifumana imali yesibonelelo yababini.

Ndifumanise ukuba ndine tsholongwane ka gawulayo ngo 2004, sele ndisoyika ukuxelela omnye umntu. Ndiyigcinile ngaphakathi kumi lento. Sendifumane ulwazi oluninzi ngalo gawulayo kule ntlangano kaMkabayi endiyihambayo. Ndiye ndagqugquzeleka nokuba ndihambe ndiyo bheka kwakhona igazi kwafumaniseka ukuba amasotsha ami asengaphansi kuka 200. Bandixelela ukuba kunyanzelekile ndiqalise imishanguzo bandi nika ne pilisi zokubuyisa igazi namandla. Ndaya ke ndithi ndiyo qalisa, khange ndiqale ngoba ndandihamba nomtwana ngalo mini futhi wayengaphathekanga kakuhle. Ndashiya ke kulayini ndagoduka andikwazanga ukunyamezela. Ndiyazibona andiphilanga ndiyehla nangoku emzimbeni. Sele ndiphathwa intloko engapheliyo. Ndiyafuna ukuphindela ekliniki ndifumane uncedo phofu andazi ukuba

yintoni esele indivimba ngoba ndiyazibona andiphilanga. Sele ndimxelele nomntu endihlekisana naye ukuba andiphilanga ndina lo gawulayo. Naye uke waya emtholampilo phofu imiphumela yegazi solokhu ithi akanawo kodwa yena. Kodwa ndithi mandimjonga ndiyabona ukuba hhayi kungathi akakho mandi ngokwempilo phofu ndingathini xaye buya nemiphumela ethi akakosuleleki. Ey ndiyazi kunyanzelekile ukuba ndiqalise ekliniki. Ndizoya kungekudala.

Sikhule sihlukumezeka ekhaya. Utata nomama bebetshatile. Ndisamncinci ndiye ndathola ukuthi utata ulisela. Ude wabotshwa ndase ndihlala nomakhulu. Sihlale nomakhulu ixesha elininzi lobomi bethu sade sakhula. Umalume yena akasiphathanga kakuhle. Wayesoloko esilwa nomama. Sakhula kanzima kakhulu ke. Ngemva kwexesha elide ude wasweleka utata. Uye waminza emfuleni. Ngaleloxesha umama ubegula kodwa sekudlule utata uye waphila futhi. Ngoku nguye ojonge ikhaya.

INGCULAZA IYICEKELE PHANSI KAKHULU IMPILO YAMI NGOKUNGIPHUCA ABAZALI

BAMI BOBABILI

Mina ngizalelwe khona la esifundazweni saKwaZulu Natal. Impilo beyinzima ekhaya kodwa kupatanisiwe sakhula. Ngifik eThekwini ngo 2008 ngizoqhuba izifundo zami kodwa nganga phumelela umatikuletsheni. Angidikibalanga ngesikhathi ngingaphasanga, ngazibhala izifundo engazifeyila ngase ngisithola isitifiketi sika matikuletsheni. Abafowethu ababili bona abazange baqede esikoleni.

Anginabo abantwana. Okwamanje ngihlala no mngani wami la. Umama no nobaba babeshadile. Umsebenzi kababa wawumhambisa kakhulu ngiyacabanga ukuthi kulapho athola khona igciwane le ngculaza. Ngesikhathi eqala ukugula sasicabanga ukuthi uthakathiwe. Kodwa kwatholakala emva kwesikhathi ukuthi unengciwane lengculaza. Wagula isikhathi eside waze wagcina ngokushona. Emva kwesikhashana nje kushone ubaba, nomama wahlabeke naye wagcina ngokushona. Siye sahlukana ke nabantwana basekhaya sihlala ezihlotsheni ngoba sase singenabo abazali. Mina ngahlala no gogo kodwa naye akuphelanga sikhathi washona. Udadewethu omncane wathola ukuhlukumezeka lapho ayehlala khona wadlwengulwa. Impilo yayingeyinhle nje sikhula.

Isifo sengculaza singihlukumeze kakhulu empilweni yami kangangokuba kuze kube imanje angibathembi abantu besilisa. Ngangizithanda izingubo kanye ne mfashini. Ngikhule ngithanda ukuzidwebela. Iphupho lami ngisengu mntwana kwakuwukuthi ngibe umthungi wezingubo ovelele. Kodwa ke ngigcine sengenza izifundo ezobuthishela. Nokho bengingenawo umdlandla ngoba vele bengingakuthandi. Ngisagcwele intukuthelo enkulu ngokungangeseki komndeni nabantwana basekhaya. Ekhaya ngigcine eminyakeni emibili eyedlule. Angisakukhonzile nokugoduka. Esinye isizathu esaqeda ugqozi lokuya ekhaya, kuye kwafika umfowethu omdala owayekade ezalwa ubaba. Yena ke umnewethu ubekhulele eGoli. Ngokusho kwakhe uthi wayesifune iskhathi eside. Kwaba kuhle esesitholile waze wahlala ekhaya komalume nomalumekazi. Akahlalanga nasikhathi eside nathi, umndeni wavele wavuka ezibulele. Kuze kube yinamuhla leyonto ayidluli ngoba angazi yini eyamenza wazozibulalela kwethu. Okwaba buhlungu kakhulu, akashiyanga nencwadi eyayicacisa ngokuzibulala kwakhe.

NGANGISAMNCANE KODWA NGANGIKUBONA OKWAKWENZEKA

EMPILWENI YAMI

Ngazalelwa esifundeni saKwaZulu Natal. Ekuzalweni kwami kube nzima ngoba ubaba wangiphika. Ubaba wathi umama akaqale angizale yena uyobona sengizelwe ukuthi ngingowakhe noma qha. Kodwa lokho akumenzanga umama ukuba angilahle. Wangikhulisa yedwa kunzima kunjalo. Ngikhule sihlala sonke nabafowabo bakamama nogogo.

Umama bekunguye obheke umndeni wonke. Yize ngangisemncane kodwa ngangibona zonke izinto ezanzeka ngikhula. Ngonyaka ka 2005 umama wami waxinwe ukugula. Ngenxa yokukhandleka nokuphelelwa amandla kumama kuke kwaba nesikhathi lapho bekufanele ngihlale ngingayi esikoleni nginakekele umama. Kodwa kwakubangcono ngoba umndeni wawungeseka yize kwakungekho okutheni ababengakwenza omalume ngoba babengabantu besilisa. Wagula isikhathi eside impela umama kungekho ubungcono kwaze kwaba uyasishiya emhlabeni. Kwaba buhlungu kakhulu esesishiyile kodwa ngabuya ngazitshela ukuthi usephumule. Ukumbona kwami egula ngaloluyahlobo kwakungihlukumeza nami. Ngesikhathi umama egula nganginemiyaka eyishumi nantathu, futhi wangitshela ukuthi unegciwane lengculaza. Noma ngangimncane ngase ngizwe okuningi ngalesisifo. Ubaba yena washona kuqala kunomama. Umndeni wakababa ngiyawazi noma ngingasondelene nawo kodwa ngiyababona uma kwenzekile bangiphosele lokho abakuphosayo.

Esedlulile umama emhlabeni izinto zaqala zanzima kakhulu. Intokomalo nothando lomndeni lwashabalala. Bangishintshela abomndeni. Nganginganakekelwe muntu. Ngangiludinga kakhulu uthando, ngaze ngaluthola ngaphandle. Kumanje akekho ongaziyo ukuthi ngiphila kanjani, ngigqokani, ngilala ngidleni. Kumanje ngihleli nomuntu wesilisa. Akukaze kube sezinhlelweni zami ukukipita kodwa ngaphoqwa isimo. Noma besangikhulumisa kodwa ngiyazi ukuthi bayazenzisa. Ngifunde ngayeka phakathi ngenxa yezimali. Nalomuntu engithandana naye akamile kahle ngasezimalini. Siphila ngamatoho abuye aphele.

Ekukhuleni kwami ngifunde ukuthi kubalulekile ukuzimela. Akufanele uhlale uthembele kubantu nasemndenini ukuthi bazohlala bethembekile, bekuthanda bekukhathalele. Kumele uzithobe, uhloniphe umhlaba ngoba ikusasa alaziwa. Mina ngimncane kodwa izigameko ezingehlele zingifundise ukwazi ukubhekana nanoma yisiphi isimo empilweni. Ngiyafisa ukubuyela esikoleni. Kuyimanje ngikhulisa umntwana wenye intombazana eyayithandana nesoka lami yamushiya kuyise umntwana. Mina angikabi naye umntwana ngoba angikakulungeli ukumnakekela nezindleko zokukhulisa umntwana asikakwazi ukuzimela. Noma zikhona izingqhinamba lapho ngihleli khona kodwa kuyangithokozisa ngoba bakhona abazali abangithatha njengengane yabo.

NGANGIFUNI UKUZWA UBUHLUNGU YIKHO NGAZAMA UKUZIBULALA NGAPHAMBI KOKUBA

YENA ANGIBULALE

Ngizalelwe KwaZulu Natal. Impilo ibingelula ngoba ngizalelwe emndenini obuxakeke kakhulu. Ngikhule ngihlupheka ngaze ngangena ebudlelwaneni obabhebhethekisa inhlupheko yami. Ngangithandana nomuntu engathola abantwana kuyena. Wayengihlukumeza kakhulu. Wayenesikhwele engishaya. Ngaze ngathatha isinqumo sokubalekela eThekwini ngenxa yobunzima bempilo ayengiphilisa yona.

Noma impilo ingelula lapho ngihlala khona kodwa akufani. Kodwa isigameko sokuhlukunyezwa ubaba wezingane zami isona engingasoze ngasilibala empilweni yami. Kwaba nzima kakhulu mhlazane engishayela edolobheni. Nanamuhla angazi ukuthi sasibangani naye. Abantu ababeseduze bebona engishaya babiza amaphoyisa. Ekufikeni kwamaphoyisa kukhona elase likhulile selingubaba womuzi. Langidonsela eceleni laxoxa nami. Langibuza ukuthi sishadile yini nalomlisa, ngalitshela ukuthi cha. Lase libuza ukuthi abazali bami bona bakuphi. Ngalitshela ukuthi bakhona. Langeluleka langitshela ngobungozi bokuhlala ebudlelwanenini obunjeyana. Yize amehlo ami ayevalekile kodwa elilodwa lalisabona kancane ngase ngibacela ukuthi bangambophi.

Izingubo engangazigqokile zazibomvu yigazi elaliphuma emakhaleni. Ngabe sengingena endlini yangasese lapho engafica khona umntwana wesikole engamnika inombolo yocingo lwasekhaya ngathi akabafonele abazise ukuthi nangu uXolani engibulala edolobheni. Ngathi akabatshele nokuthi akafuni ngigoduke ufuna ukuhamba nami ngenkani. Ngahlala endlini yangasese kwaphela mhlawumbe isikhathi esingangehora. Ngaphuma lapho ngayothenga izimpahla ezintsha zokugqoka ngashintsha sahamba naye. Safika kubo kukhona umfowethu omncane owayesesilindile. Ngangithi uma ngilandisa umfowethu indaba angivimbe uXolani athi angithule. Ngaze ngathi umfowethu akagoduke aye ekhaya aphinde abalandise ngayekubonile. Kwase kuhlwile. Ngabe sengishisisa amanzi ngazithoba ngoba ngangifa yizinhlungu ngifuna nokulala.

Ngathi ngizama ukulala wabuyela kimina wangitshela ukuthi ngiyazi yini ukuthi yena uma ethanda engangibulala nya aqede angigqibe endlini yangasese bangaphinde bangithole abakithi. Ngavele ngakhetha ukuthi ngingaphenduli ukuze ngingamthukuthelisi. Wanginabisa ngenduku ubusuku bonke. Wayengishaya emhlane, ezinyaweni nasemathangeni. Wathi uma eqeda ukungishaya wafuna ucansi ngenkani. Ekuseni wavuka wathi ucela ukungiyisa kudokotela, ngamtshela ukuthi ngisaya ekhaya ngiyoshintsha. Ngathi uma ngifika ekhaya ngathola ukuthi base behambile bayobika udaba lwami eNkosini eyayiphethe indawo ngoba baningi ababembona engihlukumeza, ngaleyondlela babekhona ababefuna ukufakaza.

Kusukela lapho ngangihamba ngicasha impilo yami yonke. Ngangizwa kuthiwa wayevimba wonke umuntu ayehlangana naye endaweni ababuze ukuthi bangifihleleni. Wathi lapho ebona ukuthi akangitholi wayesefuna ukubhodlela ezinganeni. Wayesefuna ukubulala izingane. Wayesezicuthela nasesikoleni nasekhaya. Kwakunzima. Wayesethi uma engangitholi noma bengangikhiphi uzodubula abafowethu. Nasendaweni isimo sasesishube kakhulu. Kwabikelwa iNkosi yendawo futhi. INkosi yabe isikhipha amaphoyisa ukuba ahlale eqaphe umuzi wasekhaya nasendaweni. Amaphoyisa akhipha umthetho wokuthi noma ubani omtholayo lomlisa wayenegunya lokumdubula esingezansi akhinyabezeke ngoba wayeyingozi emphakathini.

Wayesaqhubeka nokungisabisa ngocingo. Wayengitshela ukuthi yena angeke atholwe muntu futhi akekho umuntu oyomenza utho. Ngangimkholwa ngoba wayesebenzisa izinyanga nemithi. Alukho uhlobo lwenyanga ayengaluhambi. Umlisa lona ke naye wayenabo abaqaphi bakhe ababemazisa uma ngike ngabonakala nje ngivakashele ekhaya noma endaweni. Babemshayela ucingo afike ngokushesha ngasekhaya. Kwenzeka ke kwashona omunye emndenini wasekhaya. Kwaphoqa ukuba ngiye ekhaya. Ngiyabona ukuthi wayecabanga ukuthi ngingedwa nezingane ekhaya ngoba wayesezwile ukuthi ngibuyele umngcwabo. Umuzi wakubo wawuphesheya nasekhaya, ngakho ke wayebona konke okwenzeka ekhaya. Kwathi lapho ebona ukuthi abadala bahambile baye lapho kwakushonwe khona, waqonda ngqo ekhaya. Ngenhlanhla nje umama wayengakayi lapho kwakushonwe khona emndenini. Kwathi lapho efika ekhaya kwachwaza zonke izingane zibaleka. Okubuhlungu wayeseyisilwane esasesibalekelwa nayizingane zaso. Zabaleka izingane zangena endlini, zavala isicabha. Wamemeza umama efuna usizo. Kwaphendula yena umlisa wathi umemezelani ngoba bonke abantu bahambile. Ngenhlanhla kwakunomhlangano womphakathi endaweni, ingane eyayibona yahlaba umkhosi. Kwaphuma wonke umphakathi weza kuye ekhaya. Kwafika namaphoyisa asendaweni. Wathi uma ebona umphakathi uza, wahamba nengane yakhe yomfana. Ngakhala kakhulu ngayibiza ingane, yabuya. Ngabe sengibaleka ngicasha. Kuthiwa wama egqumeni wakhipha isibhamu, wathuka wonke umphakathi, nabantu abadala bendawo okwakukhona neNkosi nezinduna zayo phakathi kwabo. Wabatshela ukuthi ofuna yena akasondele. Amaphoyisa afika engasabonwa. Wabaleka. Wabe esengifonela ethi angowazisa amaphoyisa ukuthi akasoze amuthola. Wanyamalala kanjalo.

“NGESIKHATHI ISOKA LAMI SELIBONA UKUTHI UMPHAKATHI WAWUSULIJAHA, WATHATHA UMFANA WAMI WABALEKA NAYE”

Ngakusasa wabuya endaweni. Savuka sekunqanyulwe amapayipi amanzi ayeza ekhaya nasemizini esakhelene nayo. Kuthiwa wayememeza ethi unqamula amanzi ngoba wayefuna mina ngiphume ngiyokha amanzi emfuleni khona ezongithola. Wonke umphakathi waxakeka weswele amanzi. Abantu baqala ukuyokha amanzi emfuleni. Kwakunzima ngoba kuthiwa wayehlala ehlathini elingasemfuleni. Kuthiwa abantu basebesaba ngoba wayehlezi ephuma ehlathini uma abantu bekha amanzi ezohlola ukuthi akusimina yini. Ngenhlanhla abafowethu kwaba yibo abakhetha ukuyokhelela umndeni wasekhaya amanzi. Ngithe ngisuka lapho ngayohlala nomunye udadewethu. Kwathi nje ngelinye ilanga kwafika ukuthi ngixoxe nenye intombazana esasiqashe nayo ngempilo yami. Sithe sisaxoxa kwangena omunye saphazamiseka. Ngabe sengibuyela endlini mina ngabashiya bexoxa. Akuphelanga ngisho imizuzu eyisihlanu kwangena yena lomlisa ngesango sekuthiwa usefune wakuthola lapho ngihlala khona kodwa bangiphika lababanye bathi abangazi. Ngabona ukuthi singabantu besifazane siyezwelana ngoba bangiphika ngikhona. Waphuma sacabanga ukuthi uhambile kanti akahambile. Kwatholakala ukuthi ubecashe ezimbalini zakwamakhelwane. Ngenhlanhla lamantombazana engangihlala nawo ambona. Base bengiyala ukuthi ngingaphumi endlini. Bazolokhu bebuya bezongibheka. Uma ngifuna ukuchama ngizochama khona endlini. Nokudla bazongilethela. Endlini engangikuyo kwakukhanya. Ngakho ke wafika wangqongqoza, ngangavula. Wabuza ukuthi kukhona bani ngoba kuthiwa udadewethu uye esokeni lakhe, bamtshela ukuthi kukhona intombazana abasebenza nayo kaLink. Yayimkhanyisele ngoba bayagadelana izindlu uma kukhona ongqongqozayo. Ngase ngithuke kakhulu. Ngase ngibona ukuthi lendoda izongibulala.

Ngalobobusuku ngabhala incwadi engangiyiqondise kwabasekhaya. Ngase ngithatha yonke inhlobo yephilisi nemithi engayithola endlini kadadewethu. Ngazumeka ke ngalala. Ngavuka ekuseni ngiphile saka engangenzanga lutho amaphilisi. Ngazama ukuzibulala mina ngamaphilisi ngoba ngangicabanga ukuthi yena wayezongibulala ngesihluku. Mhlawumbe ngokunginquma, ngokungigwaza noma angishise ngizwa. Ngase ngididekile nasemqondweni. Kodwa ebusuku ngaphambi kokuba ngithathe isinqumo sokuzibulala, ngase nginike oyedwa esasihlala naye inombolo yocingo lweNkosi yangakithi ukuba ayazise ukuthi wayesengilandelile umlisa.

"WAYEHAMBA AYOCUTHELA UKUNTSHONTSHA ABANTWANA BAMI ESIKOLENI"

Udadewethu wafika ehamba nesoka lakhe. Umlisa lona nguyena owababona kuqala. Kwase kungathi uwuhlanya. Kwathi sekufike udadewethu sashayela umama ucingo sacela ukuthi angihlangabeze edolobheni. Isoka likadadewethu langishushumbisa ngemoto ngaya edolobheni ngafika umama esengililindile. Sahamba saya ekhaya. Kwafika ezindlebeni zakhe ukuthi ngase ngisekhaya. Wafika futhi ezohlala ngasekhaya engizingela. Ngagcina ngokuthutha ngayohlala eMasangweni. Ngaleyondlela ngamudukela. Ngalesosikhathi yena wayelokhu eya esikoleni eyocuthela ukuntshontsha izingane. Kwakungelula kodwa ngoba isikole sasiseduze nasekhaya, manje izingane zaziphelezelwa ziphinde zilandwe. Futhi nasesikoleni base bexwayisiwe ukuthi bangalivuli isango.

Kwathi ngelinye ilanga ngisedolobheni nganqwamana naye. Wonke umuntu wayebambe umoya yize yena wayekhuluma kahle ethi ngeke angibulale. Waqhubeka wangitshela ukuthi wayephezu kwemizamo yokuthola izinkomo zokungilobola. Ngamtshela ukuthi angisaboni kanjalo. Ngiyamsaba ngoba wake wazama ukungibulala. Indaba yakhe yokungihlukumeza yayaziwa yibo bonke abantu. Kwakutatazela ngisho omama ababedayisa ematafuleni edolobheni. Ngisho umuntu owayengangazi, wayeseze wangazi ngesimo engangibhekene naso. Wangidedela ngahamba ngalelolanga. Ngathi sengisebhasini eliya ekhaya, weza kimi wanginikeza imali. Wacela ukuba imali ngiyinike izingane zakhe futhi ngimkhonzele kuzo. Ngathatha imali leyo, ngabonga. Abantu babethukile. Babengibuza ukuthi angesabi yini ukuthi wayezongilandela azongibulala. Noma ngangethukile kodwa ngabatshela ukuthi konke kuyokweka ngentando yoMdali. Naye ngamtshela ukuthi ngingokaNkulunkulu, njengoba efuna ukubulala mina kungenzeka ingwijikhwebu kuvele kufe yena. Wavele wathi ngeke kwenzeke lokho.

Ngafika ekhaya bonke bethukile. Base bebambe umoya sebelindele noma yini. Ngagcina ukumbona ngalelonga lowomlisa. Ngangizwa ukuthi uyafika ekhaya afune izingane zakhe ngenkani. Wayeqhubeka esabisa ngokuthi uzobulala izingane naye azibulale futhi. Wathi angeke ashiye izingane zakhe emuzini ohluphekayo.

Ngosuku ashona ngalo ngizwa kuthiwa wafika ekuseni wathi ufuna izingane zakhe. Ekhaya banqaba nezingane. Ngezwa kuthiwa ntambama ngalolosuku wafika esitolo sangakubo egcabile. Kuthiwa wayephosela noma ngubani isibhamu sakhe ethi abamdubule. Kuthiwa wayetshela bonke abantu ukuthi akadubuleki yena kade eyogqiha. Wayebatshela ukuthi uma esuka lapho uzoya ekhaya ayoqotha imbokodo nesisekelo. Kuthiwa umama wakhe wayemukhuza athi akangasukeli umuzi wenye indoda ngoba uzozisola. Kuthiwa waqhubeka ehamba eqhosha. Kuthiwa akubanga isikhathi eside, ngezithuba zakusihlwa kwezwakala ukuqhuma kwesibhamu. Kodwa omakhelwane babethukile, babesaba ngisho ukuphuma beyobheka ukuthi kwenzakalani. Bonke abantu bazivalela emizini yabo. Indaba yaze yezwakala sekuphume ilanga ukuthi umlisa ushonile, utholakale edutshuliwe. Okwaba kubi ke kubo kwathiwa: "yaze yafa ingane yethu ibulawa unondindwa". Kuthiwa wahlala usuku lonke engalandwa lapho ayeshonele khona.

Izingane zesikole zazifike zimbuke nje. Babodwa abebefisa ukumshaya khona esefile. Abanye babefuna ukumuphuca nezicathulo. Abanye babebuza ukuthi kodwa ubani obulele uGoliyathi. Kuthiwa umama wakhe wayesehayiza kakhulu. Umphakathi wathi nomama wentombazana le abeyizingela ngabe ukhala njengawe. Kuthiwa waze walandwa umzimba wakhe ngosuku olulandelayo elokhu edindilizile esigangeni.

Babe sebeyangifonela ke kubo bengitshela ukuthi akasekho ubaba wezingane zami. Babe sebengibuza ukuthi besezizwile yini izingane zakhe. Okwangimangaza kakhulu ukuthi indodana yakhe yavele yathi kulungile kufe yena. Angithi yena ubaba ubefuna ukubulala thina. Ugogo wezingane zami wayengakaze athi vu ngesikhathi indodana yakhe ingihlukumeza kodwa isishonile yaqala inkathazo. Kwavela ukuthi bekunezincwadi ebezibhalwa indodana yakhe izibhalela mina. Kodwa zazingakaze zifike kimi. Waziqoqa umama wakhe wazinikeza abaseshi. Ngezwa sengithola ucingo luvela kubaseshi sengizophenywa ngokufa kwakhe. Ngabe sengishayela iNkosi ucingo ngayazisa ngesehlo sokuphenywa. INkosi yangimisa isibindi. Yangitshela ukuthi uma kuba khona inkinga, angiyoyazisa ngoba amaphoyisa awenzanga lutho wona esangihlukumeza lomlisa. Ngagqhigqha kubaseshi ngiphelezelwa ngubaba. Ubaba wayekhishelwa phandle uma sengiseshwa. Ngakhuluma konke ngoba kwakungekho engikufihlayo. Bangibuza ukuthi iphi enye indoda yami engithandana nayo, ngabatshela ukuthi ayikho, iyona le eyayishonile. Bangibuza ukuthi iphi enye engangiyibhanqe nalena eshonile? Ngabatshela ukuthi anginayo. Kwavela ukuthi kwakunukwa mina ngokufa komfana ngoba mina ngase ngiqomile. Ngacela ukuba bangibizele umama kamfana azoyikhomba leyondoda engangiyiqomile. Bahluleka ngoba kwakungamanga. Umlisa wahlala emakhazeni amasonto amabili. INkosi yayinqaba ukuba angcwatshwe endaweni yayo ngenxa yobuluhlaza bakhe esaphila. Kwathi noma becela esigodini esiseduze, neNkosi yakhona yala. Wabe esecelelwa ukuyofihlwa komalume bakhe nakhona iNkosi yakhona yanqaba. Isizathu kwaba ukuthi iNkosi ayivumi kufihlwe umuntu engamazi nongakaze ahlale khona. Waze wafunelwa nje umgodi edolobheniwangcwatshwa khona kodwa izingane zakhe aziyanga ukuyomfihla. Nanamuhla azilazi ithuna likayise.

“SENGIPHENDUKE UMUNTU ONODLAME NO NENHLIZIYO ENCANE, NGIHLALA NGIZAMA UKUZIVIKELA NGASO SONKE ISIKHATHI”

Okubuhlungu ke lobudlelwane bangihlukumeza ngoba angiphindanga ngathokoza othandweni. Ebudlelwaneni obulandela lobu ngangilwa. Ubethi noma engidlalisa lona engithandana naye, ngivele ngimshayele ukufa. Amangale ukuthi sekwenzenjani. Ngaze ngacela ukuthi siyeke ngoba ngangibona ukuthi ngisadiniwe. Ngangingakakulungeli ukuthandwa nokuthanda umuntu. Ngingumama ozimele okhulisa abantwana yedwa. Asinawo umuzi oqondene nathi. Siyakhokha ngenyanga. Sihamba sishintsha imiqasho ngaso sonke isikhathi. Ngiphila ngemali engiyisebenza ngokwenza amakhanda abantu. Ukuphila kunzima ngoba kuwo lonyaka ngilimale engozini yemoto. Nakhona ngangilimele kakhulu kodwa ngoThixo ngiyaphila. Ngiyazama ukuphila noma kunzima, akufani kodwa.

OXFAM

SIBONGA UKUXHASWA
UOXFAM SOUTH AFRICA

PROJECT EMPOWER

W218 Diakonia Centre, 20 Diakonia Avenue,
Durban 4001, KwaZulu-Natal, South Africa.

PROJECTEMPOWER.ORG.ZA